65. Isicelo sokubhalisa
66. Ukukhishwa kwezitifiketi kanye nezimpawu ezibonakalisayo uma ubhalisa

67. Izinhlango, amalunga kanye nabangewona amalunga asebenza ukuthutha okuxhuma izifunda.
68. Ukugodlwa kwamalungelo kwezinhlangano kanye nabahlinzeki ababhalisile.

ISIGABA 9: UKUBHALISA IZINHLANGANO ZAMATEKISI ANGAMAKHUMBI KANYE NABAHLINZEKI

69. Ukuphoqeleka kokubhaliswa kwezinhlangano, amalunga maqondana nezinhlizeko zohlobo-lwanmatekisi angamakhumbi
70. Izinhlango kanye nabahlinzeki ababhalise ngaphansi komthetho 11 ka 1997
71. uKhethe kanye nenhlolo-vo
72. Ukubhaliswa kwezinhlangano
73. Ukubhaliswa kwamalunga ezinhlangano ezibhalisile
74. Amalunga amasha ezinhlangano ezibhalisile
75. Ukubhaliswa kwabangewona amalunga
76. Izinyathelo zokuqondiswa kwezigwegwe

ISIGABA 10: UKUBHALISWA KWEZINHLANGANO ZAMATEKISI ANQUMA IBANGA KANYE NABAHLINZEKI

77. Ukubhaliswa kwezinhlangano zamatekisi anquma ibanga, amalunga kanye nabangewona amalunga
78. Ukubhaliswa kwezinhlangano zamatekisi anquma ibanga
79. Ukubhaliswa kwabangewona -amalunga abasebenza izinhlizeko zamatekisi anquma ibanga
80. Izidingo ezingavamile zabashayeli bezingqola abasebenza izinhlizeko zamatekisi anquma ibanga.

ISIGABA 11: UKUBHALISWA KWEZINHLANGANO KANYE NABAHLINZEKI BOHLOBO LWAMABHASI KANYE NOHLOBO LWENKALISHI

81. Ukubhaliswa kwezinhlangano, amalunga kanye nabangewona amalunga abasebenza izinhlizeko zohlobo lwamabhasi
82. Ukubhaliswa kwezinhlangano zabasebenza ukuhlinzeka ngohlobo lwamabhasi kanye nohlobo lwenkalishi
83. Ukubhaliswa kwabangewona-amalunga asebenza ukuhlinzeka ngohlobo-lwamabhasi kanye nohlobo-lwekalishi

ISIGABA 12: IZINKUNDLA ZOKUTHUTHA

84. Imihlinzeko kawonke-wonke
85. Inkundla yokuthutha abagibeli bomphakathi besifunda
86. Imisebenzi yenkundla yabagibeli bomphakathi besifunda
87. Izinkundla zokuthutha zamadolobha amakhulu
88. Imisebenzi yezinkundla zokuthutha zamadolobha amakhulu
89. Izinkundla zamatekisi emadolobheni amakhulu

90. Imisebenzi yezinkundla zamatekisi kumadolobha amakhulu
91. Amakomiti okubonisana amatekisi asendaweni ethile
92. Ukusungulwa kanye nokusebenza kwezinkundla zokubonisana kumadolobha amakhulu noma ezindaweni ezithile

ISIGABA 13: UKUPHOQELELWA KOMTHETHO

93. Izinyathelo zesimo esiphuthumayo esingajwayelekile
94. Amacala
95. Izinhlawulo
96. Ukubizwa kwabahloli
97. Ukuthumba noma ukulahlekelwa yilungelo lezinqola
98. Imicabango
99. Amanye amandla ezikhulu ezigunyaziwe
100. Uhlelo lokungafanele kutuswa

ISIGABA 14: EZIKAWONKE-WONKE

101. Umshwalense ophoqekile wabahlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi
102. Izinyathelo zokuxhasa ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi
103. Ukuguquka kwezinhlizeko
104. Ukuchithwa kwemithetho kanye nokushiye
105. Umthetho ubopha uMbuso
106. Isihloko esifushane kanye nokuqalisa

IHLELO A: IZINHLOBO ZEZINQOLA/UHLOBO LWEZINHLIZEKO ZOKUTHUTHA ABAGIBELI BOMPHAKATHI

IHLELO B: IZINHLOBO ZEZINHLIZEKO ZOKUTHUTHA ABAGIBELI BOMPHAKATHI NGOKUHAMBELANA NEMIGOMO YOKUHLELA (ISKHATHI ESIZAYO)

IHLELO C: IZINHLOBO ZEZINHLIZEKO ZOKUTHUTHA ABAGIBELI BOMPHAKATHI (UKUGUQUKA)

ISIGABA 1: IZINHLIZEKO EZINGENISAYO

Inhloso yaloMthetho

1. (1) Inhloso yaloMthetho ukuthuthukisa kanye nokunikeza eGauteng uhlelo olusebenzayo lokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi. Lokhu kungatholakala uma kugcwaliseka izimpokophelo ezisemqoka zalomthetho, eziyi:-

- (a) ukwenza izinhlelo zikahulumeni wesifunda kanye nokazwelonke ezihambelana nezinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanye namalungiselelo,

uqaphele ukwenzeka kwalemigomo yesifunda, uqhube nophando ezintweni ezingavela ekwenzeni kwalemigomo futhi wenze nezilinganiselo ezifanele zalemigomo,

- (b) qhubekisa futhi welekelele ukukhula kokusetshenziswa kanye nokuthuthukisa ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kusifunda
- (c) Sebenzisa ukuhlela kanye nokuthuthukisa ukuthutha umphakathi njengesikhali sokuhlenga umphakathi ukuze u :-
 - (i) phumelelisa kanye nokugqugquzela abasebenzi ukuthi bahlale eduze kwezindawo zokusebenza, ikakhulukazi lapho ukumisakabi kwamalokishi kwenziwa yimigomo yobandlululo yangaphambili,
 - (ii) gqugquzela izindawo zokuhlala zenziwe duze nezindawo zokusebenza;
 - (iii) qhubekisa ukuhamba okulula kwabantu kusifunda
 - (iv) qhubekisa ukuvuselelwa kwamadolobha, ukungaminyani kanye nokusetshenziswa komhlaba ngokuxubile.
- (d) hlanganisa ngokuphelele futhi uqondanise izindlela zokuthutha abagibeli bomphakathi kanye nezinhlelo zokuthutha nokusetshenziswa komhlaba kanye nokuthuthukisa izinhlelo ukuze wenze kangcono amandla okuhamba ngokuqeqesheka uhlelo lokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.
- (e) Uthathe izinyathelo ezidingekayo ukuqhubekisa ukuqondanisa phakathi kwezikhulu zokuthutha kanye nezinye izikhulu zokuhlela esifundeni, noma phakathi kwalezizikhulu kanye nesifunda, ngenhloso yokugwema ukuphinda imizamo.
- (f) Ukuqhubekisa ukuqondanisa phakathi kwezindlela zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanye nokungena okungenamphetho kwabagibeli kuhlelo.
- (g) Ukuqhubekisa ukubonisana nomphakathi kanye nokuzibandakanya ngaphambi kokuthutha izinqumo noma wenze noma yini esemthethweni futhi unqume nemigomo okufanele ilandelwe ngalokho.
- (h) Uphathefuthi uhambise ngomthetho izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ngokukhipha amalayisensi okusebenza kubahlinzeki baleyo misebenzi futhi bashiye abantu abangenawo amalayisensi okusebenza futhi asemthethweni ekuhlinzekeni ngalemisebenzi,
- (i) Ukuvumela izinqola ukuba zisetshenziswe imisebenzi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kuphela ngokuhambelana nohlobo lomsebenzi owenzekayo.
- (j) Ukunikeza ngokubhaliswa kwabahlinzeki abanikezana ngezinhlobo ezithile zemisebenzi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanye nezinhlangano zalabo bahlinzeki,
- (k) Ukuqhubekisa ukuphepha kanye nothando lwabagibeli usebenzise, izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi;
- (l) Ukusungula izikhungo zemfundo ukuxhasa izimpokophelo zalomthetho.
- (m) Ukuqhubekisa ukuphoqelelwa komthetho okubenzayo nokuqeqeshekile okuhambelana nokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, okuzofaka imithetho yemigwaqo kanye nokuphepha emgwaqeni.
- (n) Ukuqhubekisa ubungcweti ekusebenzeni ukuhlinzeka ngabahlinzeki bemisebenzi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi
- (o) Ukuqhubekisa ukuhlinzeka okulingene nokuhlangene kanye nokufinyelekayo kunqalasisinda yokuthutha abagibeli bomphakathi, ngokuya ngokomthetho othile osebenza ngemigwaqo, ujantshi kaye nezinye izingqalasisinda zokuthutha.
- (p) ukuqhubekisa uhlelo lapho abalisebenzisayo bekhokha ngemisebenzi abayitholayo,

ngaphandle kwalapho kufuneka ukuxhaswa, ukuze kuphumelele ukuthuthwa okukhonekayo kanye nokusetshenziswa komhlaba okusebenzayo ukuze kunikezwe ukufinyeleleka kanye nokuhamba kohlobo lwabagibeli abangavamile kanye nezinye izizathu zemingomo ezwakalayo, futhi kuqiniseke ukuthi imisebenzi ixhaswa kuphela kulezozinto.

(q) Ukunikeza ukuqhudelana kwezilinganiso zezibizo kumisebenzi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi exhasiwe.

(r) Ukunikeza ukugcina imininingwane (data bases) okusebenzayo kanye nokuhlangene kanye nokuphatha izinhlelo zolwazi lwezihlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.

(s) Ukunikeza uhlelo olukungatuswa abahlinzeki bemisebenzi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi

(t) Nokuhubekisa, amakhono amancane, aphakathi kanye namancanyana kanye nabahlinzeki ebabe vinjelwe ngaphambili ngobandlululo olungafanele.

(2) Lomthetho ungenele isahluko 3 somthetho kazwelonke maqondana nezinto ezithintiwe kolomthetho.

IZINCAZELO

2. Kulomthetho, ngaphandle kokuthi ingqikithi isho okunye:

"Inqola eselula elayisha izimpahla eguquliwe" kushiwo inqola elula lapho inqola kanye nezinye izingxonye zokuguqula zenziwe noma ziguqulwe ukuze kuthwalwe abantu ngumenzi obhalisile ngokuhambelana nemithetho yomgwaqo kaZwelonke,

"Ukugunyazwa okugahleliwe" kusho ukuzama ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ngokungahlelekile njengoba kunikeziwe kusigaba 52,

"Ambulense" isho inqola eyenzelwe ngqo noma eguqulelwe ngenhloso yokuthwala abagulayo noma abantu abalimele ukuya noma ukusuka endaweni yokwelashwa ngemithi kanti futhi ibhaliwe njengenqola ethwala abagulayo ngokuya ngomthetho wemigwaqo.

"Ibhodi lezikhalo" kusho ibhodi lezikhalo labagibeli bomphakathi eGauteng ekhonjiwe kusigaba 55.

"Inhlangano" isho uquqaba lwabantu, abahlinzeka ngemisebenzi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.

(a) Inhloso yabo akukhona ukwenza inzuzo.

(b) Inhloso yabo ukuqhubekisa uthando lwamalunga abo, kanye

(c) Imali yabo kufanele ifakelwe isicelo ekuqhubekiseni lolothando

"Isikhulu esigunyaziwe" kusho

(a) Umhloli

(b) Ilunga elisebenza kumaphoyisa ase Nigizimu Afrika ukufaka nelungu elisebenza kumaphoyisa kamasiphala njengoba kuchaziwe kusigaba 1 somthetho wamaphoyisa aseNigizimu Afrika, 1995 (umthetho namba 68 ku 1995)

(c) Umuntu osebenzela uMnyango noma uMasiphala umsebenzi wakhe ukuhlola izinqola, amalayisensi ezinqola, ukubheka ukuhamba kwezinqola emgwaqeni.

(d). Umhloli wokuthutha emgwaqweni oshiwoyo kusigaba 39 somthetho wokuthula ngomgwaqo ukweqa imingcele, 1998.

(Umthetho namba 4 ka 1998)

"Ibhodi" kusho ibhodi lamalayisensi okusebenza ukuthutha eGauteng elisungulwe ngokwesigaba 29,

"Ibhasi – isitimela kusho inqola e-

(a) eyenziwe ngokuxhunywa kwezingxenywe ezimbili ukwenza eyodwa.

(b) Ingaphenduphenduka endaweni evundlile ekuxhunyweni phakathi kwalezizingxenywe.

(c) Yenzelwe noma iguqulelwe kuphela noma ngokuvamile ukuhambisa umshayeli kanye okungenani abanye abantu abayi 100.

(d) Inendlela ehambayo eqhubekayo kubude bayo.

"Ukuhlinzeka ngohlobo-lwebhasi" kusho ukusebenza ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi okuhleliwe ukudlula kubagibeli abayishiyangalombili, abahlinzeka emizileni eqokiwe noma ukuxhumana ngokuya ngohlelo lwemali olumenyezwe, okumele ligunyazwe lapho kusetshenziswa imisebenzi exhaswa nguhulumeni, eshiwo kusigaba 10.

"Umthamo" kusho inani elisemthethweni labagibeli abangathuthwa yinqola, ngaphandle komshayeli, njengoba kubonisiwe kusitifiketi sokulungela umgwaqo esikhishiwe maqondana nenqola.

"Ukuhlinzeka kokuqashwa" kusho umsebenzi wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi okuqukethe ukuqashwa kwenqola kanye nomshayeli ngemali, ngohambo oluhlelwe ngaphambili nomhlinzeki, lapho:

(a) Umhlinzeki noma umshayeli angakhokhisi abagibeli imali ngabodwana.

(b) Umuntu oqasha lomsebenzi unelungelo lokuquma umzila usuku kanye nesikhathi sokuhamba, futhi

(c) Abagibeli bathuthelwa endaweni eyodwa.

"Inkalishi" isho inqola enobukhizikhizi ezidinga zifake umoya opholile, uhlobo lokukhuluma nomphakathi kanye nezinye izinto ezinganqunywa ngesimiso seBhodi.

"Izinhlizeko zohlobo lwenkalishi" kisho ukusebenza ukuthutha ngomgwaqo abangibeli bomphakathi oluhleliwe, usebenzisa inkalishi elihlinzeka kumuzila enqunywe ngaphambili kanye nezimali ezishiwoyo kusigaba 16.

"Umthetho sisekelo" kusho umthetho sisekelo wase Ningizimu Afrika, 1996 (Umthetho namba 108 ka 1996)

"Isivumelwano" sisho isivumelwano somsebenzi oxhasiwe, isivumelwano somsebenzi ongaxhaswanga, isivumelwano esikhona sokulinganisa ukubiza, noma sesikhashana.

"I siphathimandla sezivumelwano" kusho:

- (a) uMnyango wokuthutha kaZwelonke
- (b) uMnyango
- (c) Isikhulu sokuthutha
- (d) uMasipala noma idolobha eliphakathi, okuhlanganiswe kusivumelwano noma isivumelwano esiqedwe nomhlinzeki.

"Idolobha eliphakathi elikhulu" kusho umasiphala okhethwe ngaphansi kwesigaba 4 somthetho wase dolobheni, 1997 (umthetho namba 78 ka 1977), njengedolobha elikhulu, futhi efaka nanomamuphi umasiphala loyo owenziwe ngemuva kokuqalwa kwalomthetho.

"Izinhlizeko zabahlonishwa" kusho ukusebenza ukuthutha abagibeli ngesihle noma abamelwe enikezwa yinhlangotho engeyona ngomhlinzeki, lapho inhlangotho ikhipha inqola yayo noma lapho inqola ikhishwa umhlinzeki ngokuya ngesivumelwano nenhlangotho abagibeli bangakhokhiswa ukuthuthwa.

"Ukuthutha ngomgwaqo ukweqa imingcele" kusho ukuthutha kokweqa imingcele yamazwe njengoba kuchaziwe kumthetho wokuthutha ngomgwaqo ukweqa imingcele, 1988 (umthetho namba 4 ka 1998)

"Isivumelwano sokulinganisa izibizo esikhona" kusho isivumelwano okungenwa kuso ngaphambi kokuqala komthetho ka Zwelonke ukuhlizeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi phakathi koMnyango wokuthutha kaZwelonke kanye nesifunda eceleni kanye nomhlinzekikwelinye icala lowo onikezwe zokubiza ukwenza lowomsebenzi lezilinganiso sokubiza eGauteng esungulwe ngokomthetho weBhodi lokulinganisa izibizo eGauteng, 1994 (umthetho 2 ka 1994). Futhi osasebenza, isikhathi sawo siphela ngemuva kokuqala kwalomthetho futhi esifaka nesivumelwano esiphokelelayo phakathi ko-

(a) Komhlinzeki kanye nesifunda ngokuya kwaloMnyango kaZwelonke onikeze amalungelo kanye nezibopho kusifunda ngaphandle kokuthi lokho kunikezwe kwenzeke ngaphambi noma ngemuva kokuqalwa kwalomthetho kaZwelonke, noma

(b) Uhlizeki kanye nesikhulusokuthutha, umasipala noma idolobha eliphakathi elikhulu lapho isifunda, ngemuva kokuqala komthetho kaZwelonke-

(i) Unganikeza amalungelo awo kanye nezibopho, noma

(ii) kunganjani, unganikeza futhi ngamalungelo kanye nezibopho anikezwe uMnyango ka Zwelonke ngokwesiqephu (a)

"Umnyango " usho uMnyango kusifunda ophathelene nokuthuthwa komphakathi.

"Ibhasi elihlangene ukuya phezulu" kusho inqola enezicaba ezimbili ukuya phezulu enomthamo ongeqi kubagibeli abangu 110.

"Izinhlizeko zemfundo " kusho ukusebenza ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi egcina kuphela ukuhambisa abafundi, izitshudeni kanye nezingane zasenkulisa, kanye nabahloli phakathi kunezindawo zabo zokuhlala nezikhungo zemfundo kanye nohambo olungahleliwe ukusuka nokuya ezikhungweni zabo zokufunda, eziqondene kuphela nemisebenzi ephathelene nemfundo njengoba kushiwo kusigaba 11,

"Umthetho wesikhashana wokuhlizeka ngohlobo-lwetekisi oluyikhumbi eGauteng" kusho umthetho wesikhashana wokusebenza kohlobo-lwetekisi oluyikhumbi eGauteng, 1997 (umthetho namba 11 ka 1997),

'umthetho wezivakashi eGauteng" usho umthetho wezivakashi eGauteng, 1998 (Umthetho nambolo 18 ka 1998)

"IGazethi" isho iGazethi lesifunda.

"Umgcini" ukusho umnikazi wemvume esemthethweni noma ilayisensi lokusebenza.

"Umthetho wokukhokha intela" kusho umthetho wokukhokha intela, 1962 (umthetho namba 58 ka 1962)

"Umhloli" kusho umhloli obekwe ngaphansi kwesigaba 96.

"Uhlelo lokuthutha oluhlangene" kusho uhlelo lokuthutha oluhlangene olushiwo kusigaba 27 somthetho ka Zwelonke.

"Isivumelwano sesikhashana" kusho isivumelwano, esingenziwe ngesivumelwano sezibizo esikhona, ukuhlizeka kohlelo oluxhasiwe, isikhathi saso siphela ngemuva kokuqala umthetho kaZwelonke futhi-

(a) Ekungenwa kuso ngaphambi kosuku phakathi kwesifunda kanye no Mnyango wokuthutha kaZwelonke kanye nomhlinzeki, noma,

(b) Sibopha phakathi komhlinzeki kanye noma yisiphi isikhulu sokuthutha, idolobha elikhulu eliphakathi noma umasipala ngokunikezwa kwalo kuye, ngemuva kokuqala ngalomthetho, ngamalungelo kanye nezimpokophelo zesifunda ngaphansi kwesivumelwano esishiwo kusiqephu (a)

"Ukuthutha okuxhuma izifunda" kusho umsebenzi wokuthutha ngomgwaqo abgibeli bomphakathi ohlinzekwa phakathi kwezifunda ezimbili noma ngaphezulu.

"Ukuthutha maphakathi kwesifunda" kusho umsebenzi wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi maphakathi nemingcele yesifunda.

"Ilimozini" isho inqola yobukhizikhizi evunyelwe yiBhodi njengelimozini enomthamo wabagibeli abane ukuya kwabayisishiyagalombili.

"Izinhlizekelo zebanga elide" kusho ukuthutha ngomgwaqo noma ngojantshi abgibeli bomphakathi ngokuhleliwe noma okungahleliwe, ngaphandle komsebenzi wokuhambisa ohlinzekwa ngale kwemingcele embozwe uhlelo lokuthutha lapho abagibeli bekhokhiswa imali ngabodwa,

"Ukuhlinzeka kwetekisi elinquma ibanga" kusho ukusebenza ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, kusetshenziswa inqola eyenzelwe, noma eguqulwe ngokomthetho ngumenzi obhalisiwe ukuhambelana nomthetho wemigwaqo kaZwelonke, ukugibeza abantu abancane kunabayisishiyagalolunye behlezi, ukubala nomshayeli, lapho leyonqola iyatholakala ukuba iqashwe ngokumemeza, ngocingo noma kanjani,

(b) Ingema ukuba iqashwe kuma renki, futhi

(c) Ifakelwe nisilinganiso esisicilelwe, esikusimo esisebenzayo, ngenhloso yokuhola imali okumelwe ikhokhiwe.

"Isikhulu sedolobha elikhulu" kufaka umasipala wedolobha elikhulu, noma umasipala njengoba kuchaziwe kusigaba 1 sikahulumeni wasekhaya. Umthetho wezakhiwo zikaMasipala, 1998 (umthetho namba 117 ka 1998).

"Ibhasi eliphakathi" kusho inqola eyenziwe noma eguquliwe ngomkomthetho ngumenzi obhalisile ngokuhambisana nomthetho wemigwaqo kaZwelonke, ukugibeza kusukela ku19 ukuya ku35 yabantu abahleli, ngaphandle komshayeli.

"Ikhumbi" kusho inqola eyenziwe noma eguquliwe ngokomthetho ngumenzi obhalisiwe ngokuhambisana nomthetho wemigwaqo ka Zwelonke, ukugibeza kusukela ku 9 kuya ku18 yabantu abahleli, ngaphandle komshayeli.

"Ukuhlinzeka ngohlobo lwetekisisi oluyikhumbi" kusho umsebenzi wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ongahleliwe, ohlinzeka kumzila noma eqokiwe noma lapho kwenzeka, maphakathi nendawo ethile, ngkusebenzisa inqola, ikhumbi, ibhasi eliphakathi noma inqola elula yokudiliza izimphahla.

"Imoto" kusho inqola ngaphandle kwesithuthuthu, isithuthuthu samasondo anathathu noma samasondo amane njengoba kuchaziwe kumthetho womgwaqo kaZwelonke, eyenziwe noma eguqulwe ngokomthetho ngumenzi wezinqola obhalisile ngokulandela umthetho wokuthwala abagibeli agangeqi kwaba yishiyagalombili, ngaphandle komshayeli.

"Inqola" kanye " " nemoto" kusho inqola njengoba kuchaziwe kuzigaba zomthetho wemigwaqo kaZwelonke.

"Umasipala" kanye nabobonke omasipala abashiwoyo kusigaba 155 (6) somthethosisekelo, kanti esikhundleni somasipala besigaba c abashiwoyo kusigaba 155 (1)(c) kungena nomasipala besigaba b abashiwoyo kwisigaba 155 (1) (b) kundawo yabo..

"Umthetho kaZwelonke" kusho umthetho womgwaqo kaZwelonke, 2000 (umthetho namba 22 ka 2000)

Umthetho womgwaqo kazwelonke" kusho umthetho womgwaqo ka zwelonke, 1996(umthetho namba 93ka1996), "izihlinzeko ezingenasi vumelwano " sekusebenza wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ngaphandle kwalowo ohlinzekwa ngaphansi kwesivumelwano" kusho umsebenza ungaxhasiwe, isivumelwano sekusebenza uxhasiwe, isivumelwano esingaphansi kwesilinganiso sokubiza noma isivumelwano sesikhashana.

“Ongelona ilunga” kusho noma muphi umuntu, noma ngumuntu nje ngokuzalwa noma umuntu ngokomthetho ungelona ilunga lenhlangano, “ibhasi elivulekile elingamabili ukuya phezulu” kusho ibhasi elihlangene abamabili ukuya phezulu elenziwe ngokungavamile noma eliguqulwe ngumenzi wezinqola obhalisile ngokuhambisana nomthetho womgwaqo ka Zwelonke, abavakashi noma imisebenzi yokuqashwa kanti futhi elivumelana namazinga okuphepha anqunyiwe futhi kugunyaziwe yibhodi ngaleyonhloso,

“Ilayisensi lokusebenza” kusho ilayisensi lokusebenza ukuthutha umphakathi elidingwa yisigaba 33 somthetho ka Zwelonke, elinikwe futhi lakhishwa ngokuhambelana nesigaba 6, “Umhlinzeki” kusho umhlinzeki othutha umphakathi njengokuchazwe kumthetho ka Zwelonke kungumuntu oqhuba ibhizinisi lokuhlinzeka umsebenzi wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi “isitho sikahulumeni” kusho isitho sikahulumeni njengoba kuchaziwe kusigaba 239 somthetho sisekelo, “imvume” kusho imvume yokuthwala emgwaqeni womphakathi noma isigunyazo esifanayo esikhishwa ngaphansi komthetho odlulile, njengoba kuchaziwe kumthetho ka Zwelonke, futhi osaqhubeka ekuqaliseni kwalomthetho ngokwesigaba 78 somthetho ka Zwelonke,

“Okunqunyiwe” kusho okunqunywe ngokwesimiso “isifunda” kusho isifunda sase Gauteng “inkundla yokuthutha abagibeli bomphakathi besifunda esungulwe ngokwesigaba 35, “ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi” ngokuya kwesigaba 4, kusho inhlinzeko yokuthwala abagibeli ngomgwaqo nomangabe ihlinzeko ingeyesivumelwano noma qha, futhi lapho ihlinzeko inikezwa ngokukhokha noma nome ngabe kanjani nome umvuzo, kanye nezinye izinhlizeko ezi:-

- (A) Inhlizeko ye tuk-tuk,
- (B) Inhlizeko yetekisi elinquma ibanga
- (C) Inhlizeko yohlobo- lwetekisi oluyi khumbi.
- (D) Inhlizeko yohlobo-lwebhasi
- (E) Ihlinzeko yezemfundo
- (F) Ihlinzeko yabavakashi
- (G) Ihlinzeko yokuqasha
- (H) Ihlinzeko yezabasebenzi
- (I) Ihlinzeko yezabahlonishwa
- (J) Ihlinzeko ehleliwe yohlobo-lwekalishi
- (K) Ihlinzeko yeshatile

“Umenzi obhalisile” kungena umenzi, umuntu ohwebelana nomenzi ongaphandle noma umenzi wezinqola obhalise ngaphansi kwesigaba 5 somthetho wemigwaqo ka zwelonke, “uMbhali” kusho umbhalo wokuthutha e Gauteng oqokwe ngaphansi kwesigaba 60,

“Izihlinzeko ezihleliwe” umsebenzi wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ohlinzekwa kumzila noma imizila eqondene ngokuhambelana nohla lwesikhathi “inqolana” kusho inqodlana njengoba kuchaziwe kusigaba 1 somthetho womgwaqo kaZwelonke.

“Izinhlizeko” izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi

“Izinhlinzeko zeshatile kusho izihlinzeko ngomgwaqo abagibeli bomphakathi okunikezwa kundawo engandile noma kumizila engaguquki engahlelwe ngokwezidingo noma ingahlelwa njengoba kushiwo kusigaba 17, “izinhlizeko zezisebenzi” kusho inhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi enikezwa ngenqola yom qhashi noma inqola enikezwa ngumhlinzeki ngokwesi vumelwano nomqhashi, uma isetshengiswa kuphela ukugibeza abasebenzi bomqhashi

phakathi kwezindawo zokuhlala nezokusebenza noma uhambo oluhambelana nomsebenzi futhi olungakhokhelwa ngqo.

“Tbhasi elijwayelekile” kusho inqola eyenzelwe noma eguqulwe ngokomthetho ngumenzi obhalisile ngokuvumelana noMthetho womgwaqo kazwelonke enomthamo wabagibeli abahleli abangu 30 kuya

ku 40 kanye nabanye abagibeli abamile egunyazwe isitifiketi sokulungela umgwaqo esiqondene,

“Isivumelwano senhlizeko exhasiwe” kusho isivumelwano, ngaphandle kwesivumelwano sesikhashana noma isivumelwano esingaphansi kwesilinganiso sesibizo esiqedwe phakathi komnyango, isikhulu sokuthutha, umasipala noma idolobha elikhulu eliphakathi kolunye uhlangothi, kanye nomhlinzeki ngakolunye uhlangothi, ukuhlinzeka umsebenzi ohleliwe futhi ngokuya kwaso umhlinzeki, ngokungezelela imali ekhokha abagibeli, uthola ukuxhaswa ngezimali ngokwesivumelwano sesilinganiso sesibizo.

“Umthetho” ufaka nezimiso,

“Umthetho wabavakashi” usho umthetho wabavakashi, 1993 (umthetho namba 72 ka 1993)

“Izihlinzeko zabavakashi” kusho izihlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, ukugibezwa abavakashi, ukuya nokusuka kuzindawo eziheha abavakashi lapho abavakashi bephelekezelwa ngumholi wohamba obhalisile ngaphansi kwesigaba 21 somthetho wezokuvakasha

“Umthetho wezinkundla zezikhalo zokuthutha “ kusho umthetho wezinkundla zezikhalo zokuthutha, 1998 (umthetho 39 ka 1998)

“I sikhulu sokuthutha “ kusho igunya elichazwe kusho umuntu ophethe amalayisensi okusebenza ukuthutha kusigaba 10 (1) somthetho ka zwelonke.

“Umuntu ophethe amalayisensi okusebenza ukuthutha oshiwo kusigaba 34,

Uhlelo lokuthutha” kusho uhlelo olunikeziwe kusigaba 19 somthetho kazwelonke.

“Ituk-tuk “ isho izithuthuthu zamasondo amathathu esinomthamo wabagibeli abangaphansi kwesine. ‘Izihlinzeko ngetuk-tuk’ kushiwo ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ngokungahleliwe kwabagibeli abangeqi kwabathathu, ezisebenza kumizila yasemadolobhemi enqunyiwe noma ukuxhumana phakathi kwezindawo ezibiyelwe ngejubane elingaphansi kwamakhilomitha angu 45 ngehora njengokuboniswa kusigaba 7.

“Ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ngokungekho emthethweni “ kusho ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi okunga gunyaziwe yilayisensi lokusebenza noma invume futhi kufaka nalokhukuthutha ngokunye ngokuhambalana ngezivumelwano kanye nemibandela yelayisensi lokusebenza noma invume.

“Izihlinzeko ezingahleliwe” kusho ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwanqo abagibeli bomphakathi okusetshenzwa kumzila noma imizila ethile, noma umakwenzeka, phakathi nendawo ethile, ngaphandle kohlelo lwesikhathi lapho abagibeli bekhokhiswa imali ngabodwana.

“Isivumelwano sokusebenza esingaxhasiwe” kusho esingaxhasiwe” kusho isivumelwano sokusebenza ngezohwebo osishiwoyo kumthetho kazwelonke, kuyisivumelwano okungenwa kuso phakathi kwesikhulu sezivumelwano kanye nomhlinzeki ngokuya kwaso .

(a) Umhlinzeko : uzohlinzeka ngomsebenzi wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, okukhona kuhlelo lokuthutha.

- (b) Imicabango yomhlinzeki equkethe izimali ezikhokhwa ngabagibeli abathuthwa futhi lapha abagibeli bekhokha imali okuvunyelwene ngayo, futhi nembuyekazo eyenziwe yisikhulu sezivumelwano kulowo mhlinzeki, futhi
- (c) Nomhlinzeki angatholi kuxhaswa okuthile noma wuluphi uncedo ngezimali oluvela noma yisiphi isitho kunoma ngumuphi umkhakha ka hulumeni futhi ngenhloso yalesosiqephu, inhlawulo eyenziwa kumhlinzeki maqondana nemali ekhokhwa ngesivumelwano ayingethathwe nje ngo kuxhaswa noma ngabe yiluphi uhlobo loncedo ngezimali.

ISIGABA 2: UKUHLINZEKA UKUTHUTHA NGOMGWAQO ABAGIBELI BOMPHAKATHI.

Imigomo yokuchachisa izihlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kuzinhlelo zokuthutha.

3(1) Amasu kufanele aqhubekiswe okuthola ukuxhaswa kwezinkambiso, ukuthutha okufinyelekayo kubantu abakhubazekile, ukuguqulwa kanye nokuthuthukisa amakhono amabhizinisi amancane kanye nabantu ebabevinjelwe ngaphambili ngubandlululo olingafanele.

(2) Isikhulu sokuthutha ngasinye, idolobha elikhulu eliphakathi kanye momasipala kufanele banqume futhi bacacise izihlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ezizonikezwa kuzinhlelo zokuthutha ngokuya nge :-

(a) Izivumelwano zokusebenza ngokuxhasiwe kumisebenzi ehleliwe,

(b) Izivumelwano zalomsebenzi ngokungaxhasiwe okwe

- (I) Imisebenzi ehleliwe
- (II) Imisebenzi engahleliwe
- (III) Imisebenzi yendawo

© Imisebenzi engenaso isivumelwano so:-

- (I) semisebenzi ehleliwe
- (II) Imisebenzi engahleliwe
- (III) Imisebenzi yendawo
- (IV) eqhutshwa ngaphandle kokuxhaswa

(3) Umuntu osebenzisa izihlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli kufanele --

(a) Abe nemvume efanele, ilayisensi lokusebenza noma isigunyazo sesikhashana futhi

(b) abhaliswe ngokomthetho izihlinzeko zohlobo- lwetekisi eyekhumbi, itekisi elinquma ibanga, uhlobo lwebhasi kanye nohlobo- lwekalishi ngokuya kwesigaba 69, isigaba 77 kanye nesigaba 81

(4) Inhlangothi akufanele ibe nemvume noma ilayisensi lokusebenza okungelayo.

(5) Ilayisensi lokusebenza elilodwa okufanele likhishwe ngenqola eyodwa.

Okukhishiwe

(4) Ngenhloso yalomthetho, incazelo yo kuthutha ngongwaqo abagibeli bomphakathi' kucabangeka ukuthi ikhiphe lokhu okulandelayo:

- (a) Ukuhanjiswa nge ambulensi kwesiguli ukusuka noma ukuya kundawo lapho lesiguli siyothola usizo lwemithi.
- (b) Ukuhanjiswa kwabantu ngemoto njengengxenywe yikilabhu yokukhwelisana, lapho ilunga ngalinye linesikhathi sokuthwala noma lenza ukuthi kuthwalwe amanye amalunga noma abanye abantu abaqokwe ngamanye amalunga ngenhloso ecacisiwe futhi lapho kungenakukhokha okubonakalayo nokufihliwe ngokuhanjiswa.

Izinhlizeko eziqondene nabashayeli kanye nezinqola

(5) . (1) u Mec angamisa inhlanguanisela yemithetho yokuziphatha yabashayeli bezinqola ezisetshenziswa izinhlobo ezihlukene zokuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanti futhi labashayeli kufanele zinkathi zonke uma lezinhlizeko zenziwa:-

- (a) Bahlanzeke futhi bagqoke kahle
- (b) Bangabhemi, futhi
- (c) Babenolwazi olukahle lwendawo lapho ukuhlinzeka kwenzeka khona.

(2) Ingxenywe yesigaba (1) a kufanele isebenze kuzihlizeko zezisebenzi kuzimo ezibonakalayo ukuthi azifanele

(3) u MEC anganquma okudingeka kubashayeli izinqola zabo ezisetshenziswa zihlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ukuthi bathathe izifundo zokufundiswa.

(4)Ibhodi –

- (a) kufanele livume uhlobo kanye ne simo sezinqola zokuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi oluthile,
- (b) noma isikhulu esigunyaziwe singadinga ofake isicelo selayisensi lokusebenza ukuthi alethe inqola ukuthi izohlolwa futhi lapho kusoleka sengathi inqola ayikho kusimo sokulungela umgwaqo, nakuba isitifiketi sokulungela umgwaqo esisemthethweni sikhishiwe ngaleyinqola, futhi
- (c) Linganqaba ukukhipha ilayisensi lokusebenza uma ngombono walo inqola ayikho kusimo esilungele umgwaqo.

(5)Izinqola ezisetshenziswa ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kufanele zihlanzeke uma zisuka lapho zigcinwa khona, ngaphandle nangaphakathi ngokuvumelana nemihlahlandlela enqunyiwe uma ikhona, noma lapho kunesivumelwano,imihlahlandlela ebekiwe ngokuphambana.

(6) Ukungezelela kuzidingo zomthetho womgwaqo ka Zwelonke izinqola ezisetshenziswa ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kufanele zigcinwe zikusimo esihle kokubili ngaphandle nangaphakathi.

(7) (a) Inqola esetshenziswa ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kufanele ihlonyiswe okungenani ngesicima- mlilo esisodwa kusimo esisebenzayo kanye nebhokisi losizo lokuqala eliqukethe izinto ngengoba kunqunyiwe.

(c) Isicima- mlilo kanye nebhokisi losizo lokuqala kufanele libekwe noma ligxivizelwe ngendlela kanye nendawo enqunyiwe enqoleni futhi izicimamlilo kufanele zishinshwe ngezikhathi ezibekiwe

Izigaba zemisebenzi

(6) (1) Amalayisensi okusebenza izihlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi akhishwa maqondana nezihlizeko ezilandelayo

- (a) Izihlizeko zesithuthuthu ezishiwo kusigaba 7,
- (b) Izihlizeko zetekisi elinquma ibanga ezishiwo kusigaba 8,
- (c) Izihlizeko zohlobo lwetekisi oluyikhumbi ezishiwo kusigaba 9,
- (d) Izihlizeko zohlobo- lwebhasi ezishiwo kusigaba 10,
- (e) Izihlizeko zezemfudo ezishiwo kusigaba 11,
- (f) Izihlizeko zabavakashi ezishiwo kusigaba 12,
- (g) Izihlizeko zokuqashwa ezishiwo kusigaba 13,
- (h) Izihlizeko zezisebenzi ezishiwo kusigaba 14,
- (i) Izihlizeko zokuthutha okufinyelelekayo
- (j) Izihlizeko zeshatile ezishiwo kusigaba 17,
- (k) Izihlizeko zabahlonishwa ezishiwo kusigaba 15,
- (l) Izihlizeko ezihleliwe zohlobo lwenkalishi ezishiwo kusigaba 16,

(2) uMEC angafaka isaziso ku Gazethi futhi ngemva kokubonisana ne Nkundla yoku thutha abagibeli bomphakathi yesifunda, angangeza izihlizeko, aguqule noma asuse ezinye izihlizeko ohlwini olunikeziwe ku nxenye yesigaba (1)

(3) Izigaba zezihlizeko ohlwini kungxenye yisigaba (1) ngokuhambisana nemigomo ebekwe kusigaba 3 yokwesikhathi esizayo zibonisewe kuhlu b, kanye nalezo zesikhathi senguquko ziboniswe kuhlu c

Izihlizeko zesithuthuthu

7. Izihlizeko zesithuthuthu aku:-

- (a) akufanele zithwale abagibeli abadlula kwabathathu
- (b) zinganikezwa kuphela ngesithuthuthu, lapho iBhodi lizanquma kulayisensi lokusebenza eliqondene –
- (i) Umzila wasedolobheni noma ukuxhumana komzila lapho noma indawo ingasebenza khona,
- (ii) Ijubane lokugcina lokusebenza amakhilomitha angama 45 ngehora.

Izihlizeko zetekisi elinquma ibanga

- 8. (i) IziNhlizeko zetekisi elinquma ibanga singanikezwa kuphela ngemoto noma ikhumbi kodwa –
- (a) inqola kufunele ihlonyiswe ngesilinganisano esisicilelwe kusimo esihle sokusebenza esihambalana nezidingo ezinqunyiwe, ukulinganiswa imali yohambo.,
- (b) Kukhumbi, uhlobo kanye nomthamo nenqola kufanele uvunywe yibhodi ngemva kokuboniswa nezihlangano zamatekisi anquma ibanga asebenza endaweni,

- (c) Ibhodi kufanele linqume inani labantu okufanele ligitshezwe , okufanele libe ngapantsi kwesishiyagalolunye, futhi elifanele libe ngaphantsi komthamo wenqola,
- (d) Ibhodi linganquma izindawo ezichaziwe zokugibeza abagibeli.
- (e) Lapho kuthwelwe abantu abadlula kwabayisine inqola kufanele ibe nendawo yesilinganiso ngokunqamulelana.
- (f) Inqola kufanele ibonakale ngendlela enqunyiwe.

(2) iBhodi linganquma imali encane noma ephezulu yezinhlizeko zetekisi- elinquma ibanga okufanele ishicilelwe ku Gazethi

(3)u MEC anganquma uhlelo lokuhlela ngesimo lwezinhlizeko zamatekisi anquma ibanga futhi anqume izimpawu ezingavamile okumele zibekwe. Zibonakale ngamahlelo ahlukene ezinhlizeko zamatekisi anquma ibanga futhi lapho lokunqunywa kwenzikile kufanele kuchazwe kulayisensi lokusebenza eliqondene

(4)Amatekisi anquma ibanga angashiya izindawo zazo zokusebenza ezichaziwe uma:-

- (a).egibeza abagibeli abalingene ukuya nokusuka lapho beya khona,
- (b)itekisi libuye lingathwele muntu noma
- © adingeka ukuba enze lokhu ngokwesivumelwano esivunyiwe yi
Bhodi

(5) Ngaphandle kwengxenye yesigaba (1) , itekisi elinquma ibanga lingasebenza ngemali enganqunyiwe yisilinganiso uma imali yalolohambo kuvunyelwene ngalo ngaphambi kokuqala kohambo.

Izihlizeko zohlobo lwamatekisi olungama khumbi

9 (1) Izihlizeko zohlobo lwamatekisi olungama khumbi zinganikwa kuphela ngezimoto, amakhumbi, amabhasi aphakathi, noma izinqola ezinkulu zokuthwala impahla eziguquliwe.

(2) Ilayisensi lokusebenza elinikezwe ukuhlinzeka ngohlobo- lwetekisi oluyikhumbi kufanele linikeze ukuthi ligxile kumzila noma ekuxhumaneni ngaphandle kwesimo esingavamile asivunyelwe ngalo mthetho

(3) Izihlizeko zohlobo lwamatekisi angamabhasi aphakathi ayizinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi okungahleliwe kwabagibeli abangeqi kwabangu 35 akekho phantsi kwe ncindezi ngokwezimela kanye nezinhlelo zesikhathi.

Izihlizeko zohlobo lwamabhasi

10. (1) Izinhlizeko zohlobo- lwebhasi zinganikezwa kuphela ngamakhumbi, amabhasi phakathi, amabhasi ajwayelekile, ngenqodlana, amabhasi angamabiliukuya phezulu kanye nebhasi – sitimela

(2)Esikhundleni sebhasi elihlangene ngaphezulu noma ibhasi sitimela ibhodi lingavimbela ukusebenza kwelayisensi lokusebenza kuzindawo ezicacisiwe noma imigwaqo exhumene.

(3) Izinhlizeko zohlobo- lwebhasi kufanele kube yizinhlizeko ezihleliwe, ezisebenza kumizila ecacisiwe noma kwimigwaqo exhumene ngokuya kwezimali ezishicilelwe kanye nezinhlole zesikhathi lapho esikhundle sezinhlizeko ezixhasiwe kufanele zivunye yisikhulu esikhokha imali yokuxhasa.

Izinhlizeko zezemfundo

- 11(1) Izinhlizeko zezemfundo kufanele zihlelwe ukugibeza abafundi, izitshudeni, izingane zase nkulisa, kanye nabahloli phakathi kwezindawo zokuhlala kanye nezemfundo, kodwa zingafaka nohambo olungahleliwe ukuya nokusuka ezikhungweni zemfundo lezo uma lapho kubhekwe kuphela unemisebenzi ehambelana nezemfundo.
- (2) Izihlinseko zezemfundo zinganikezwa ngezimoto, amakhumbi, amabhasi aphakathi, amabhasi ajwayelekile, amabhasi ahlange ngamabili ukuyaphezulu, amabhasi- zitimela kanye nezinqola zokuthwala impahla eziguquliwe.
- (3) Ngaphambi kokubukwa kwesicelo sokunikezwa, ukuvuselela, ukuguqula noma ukushintsha ilayisensi lokusebenza lezinhlizeko zezemfundo, ibhodi kufanele lithumele isicelo kusikole esiqondene noma ezinye izikhungo zemfundo ukuba ziphawule futhi zenze neziphakamiso ngendlela enqunyiwe, futhi kufanele libheke lokuphawula naleziphakamiso elizitholile.

Izinhlizeko zabavakashi

- 12.(1) Izinhlizeko zabavakashi zingabekelwa indawo ngaphambili ephathelene nohambo lokuhlala ikhefu lapho abavakashi bephelekezelwa umqaphi wohambo obhalisile ngaphansi kwesigaba 21 somthetho wezivakashi.
- (2) alikho ilayisensi lokusebenza eligunyaza izinhlizeko zabavakasha okufanele linikezwe ngaphandle kokuthi ibhodi lithule futhi libukisise iziphakamiso nezincomo ezibuya kusukhulu sezokuvakasha ezazwa ngu MEC, kodwa ibhodi lingaqhubeka ngaphandle kwalezincomo lapho lesisikhulu sengabathumela ngesikhathi esicaciswa kusicelo sebhodi
- (3) ekunikezweni kwelayisensi lokusebenza izihlinzeko zabavakashi iBhodi linganquma imibandela yokuthi inqola kufanele ihlonjiswe ngohlelo lokukhuluma kuzwakale, isiqandisi, izintozasekhishini noma ezinye izinto ezinqunywe yibhodi, noma indlu yangasese lapho izigaba zohambo zingeqa amakhilomitha angu 200, eminye imibandela
- (4) ibhodi linganquma inani elikhulu labagibeli abanga thwalwa yinqola

- esetshenziswa kuzinhlizeko zabavakashi, kwala umthamo wenqola.
- (5) Lapho kufanele, iBhodi linganquma izindawo ezichaziwe noma imizila yokusebenza ukuhlinzeka izivakashi.
- (6) Umshayeli wenqola esetshenziswa izihlinzeka zabavakashi kufanele zinkathi zonke uma lezinhlizeko zenzeka zahambisane nezidingo ezinqunywe izimiso zabavakashi futhi njengoba kuchaziwe.
- (7) Izihlinzeka zabavakashi akufanele zinikezwe ngamabhasi sitimela.

Izinhlizeko zokuqashwa

13. (1) Izihlinzeka zokuqashwa zinganikezwa kuphela lapho abagibeli beyiswa endaweni eyodwa futhi lapho indawo abaya kuyo, usuku kanye nesikhathi sokuhamba zingunywe ngaphambili ngumuntu noma inhlango ecele uhambo.
- (2) Izihlinzeka zokuqashwa akumele zinikezwe ngezithuthu.

Izinhlizeko zezisebenzi

14. Izihlinzeka zezisebenzi zinganikezwa ngokusebenzisa izinqola ezivinywe yibhodi ngaphandle kwesithuthu, umangabe ilayisensi lokusebenza elinikeziwe lomsebenzi wezisebenzi likhomba ukuthi inhlizeko igxile kumzila noma ekuxhumaneni noma kundawo.

Izinhlizeko zabahlonishwa

15. Izihlinzeka zabahloniswa akufanele zinikezwe ngamabhasi ahlangane ngamabili ukuya phezulu noma ibhasi- sitimela.

Izihlinzeka zohlobo- lwenkalishi

16. (1) Izihlinzeka zohlobo-lwenkalishi kufanele zinikwezwe kuphela ngenkalishi kodwa.
- (a) Izihlalo kufanele zinikezwe bonke abagibeli.
- (b) Inqola kufanele ibe nendlu yangasese lapho abagibeli Bayothwala izigaba zohambo ezidlula amakhilomitha angu 200.
- © Izihlinzeka kufanele isebenze ngohlobo lokuhlela kumizila enqunywe ngaphambili kanye nemali enqunywe ngaphambili.
- (2) Bhodi linganquma izici ezingaphezulu zamankalishi.

Izinhlizeko zeshatile

- 17(1) Izihlinzeka yeshatile inganikezwa kuphela ngokusebenzisa ilimozini, imoto, ikhumbi, ibhasi eliphakathi, ibhasi elijwayelikile

- ibhasi elihlangene nelinye ngaphezulu noma inkalishi.
- (2) Izihlinzeko zeshatile kufanele zifake imali enqunywe ngaphambili ngomzila ngokwaziswa ngendlela evunywe yiBhodi.
- (3)Ibhodi linganquma inani elikhulu labagibeli abangathwalwa yinqola esetshenziswa ukuhlinzeka ngeshatile, ngaphezu kokuba umthamo wenqola mkhulu.
- (4)iBhodi kufanele linqume ukuhlinzeka ngashatili
- (a)indawo encane noma imizila engaguquki yokusebenza ukuhlinzeka nge shatile futhi
- (b)nomangabe inhlizeka ayihleliwe ngokwezidingo noma inhlizeko ehleliwe.
- (5)ekunikezeni ilayisensi lokusebenza ngenhlizeko yeshatili, ibhodi linganquma imibandela yokuthi inqola kufanele ifakelwe isibandisi moya noma ezinye zezinto ezinqunywe yiBhodi.

Izinhlobo zezinqola

- 18.(1) lezinhlobo zezinqola ezilandelayo zingasetshenziswa ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, kuphela kufikela futhi ngendlela ebonisiwe kuhlwa noma ngokunikeziwe ngendlela thize kuzigaba 7 kuya ku 17:
- (a) Izithuthu
- (b) Amalimozini
- (c) Izimoto
- (d) Amakhumbi
- (e) Amabhasi aphakathi
- (f) Amabhasi ajwayelekile
- (g) Amabhasi ahlange ngamabili phezulu
- (h) Amabhasi-zitimela
- (i) Izingqola ezilula zokuthwala impahla eziguquliwe
- (j) Izingqodlana
- (k) Amankalishi
- (2)u MEC angandisa ngesaziso kuGazethi ngemuva kokubonisana nenkundla yokuthutha abagibeli bomphakathi besifunda, angaguqula noma asule izingqola ohlwini olunikiziwe kungxanye yesigaba (1)
- (3)Izinhlobo zezinqola ngokuhambisana nezinhlobo zezihlinzeko zibonisiwe kuhlwa A
- (4)Inqola elula yokuthutha impahla eguquliwe ingasetshenziswa ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kuphela umangabe iyinqola elula yokuthwala impahla eguquliwe.

ISIGABA 3: AMANDLA KANYE NEMISEBENZI KA MEC KANYE NAWO MASIPALA**Amandla ka MEC.**

19. Ngaseceleni kwamandla ashiwo kwenye indawo kulomthetho, kanye nakumthetho kazwelonke u MEC ngokubonisana no MEC wezezimali anga:
- (a) xhasa ngemali ucwaningo kuzinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo
 - (b) xhasa isikhombiso noma izinhlelo zokuhlala ngalezizinhlinzeko
 - (c) sabalalisa ulwazi ngalezizinhlinzeko ngokusebenzisa amaphepha umsakazo umabonakude kanye neminye imithombo yezindaba,
 - (d) Ncedisa omasipala abangenazo izisebenzi ezifanele noma ulwazi ekwenzeni imisebenzi enikezelwe kubo ngaphansi kwalomthetho.
 - (e) xhasa ngemali ukuqeqesha abahlinzeki, abashayeli kanye nabaphathi balezizinhlinzeko,
 - (f) nika iziluleko kuzinhlango noma abantu abaningi abasebenzela ukuqhubekisa ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi
 - (g) ngena kuzivumelwano nezinye izifunda maqondana nokuhamba kwezinqola okuxhuma izifunda ezisetshenziswa izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanye nokunye okuhlobene.

Imisebenzi ka MEC**20. uMEC kufanele:-**

- (a) abheke ukusetshenziswa komgomo wokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, uqhube uphenyo kuzinto ezivela ekusebenziseni umgomo futhi enze izinguquko ezidingekayo kumgomo.
- (b) aqhubekisa futhi alekelele ukukhuphuka kokusebenzisa ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kusifunda.
- (c) athathe izinyathelo ezidingekayo ukuqhubekisa ukusebenzisana phakathi kakhulu zokuthutha kanye nezinye izikhulu zokuthela kusifunda, noma phakathi kwalezizikhulu kanye nesifunda ngenhloso yokugwema ukuphindwa kwemizamo.
- (d) ukugqugquzela ukuziphatha okuqeqeshekile kanye nokuhweba kungxenye yabahlinzeki ekunikezini kwabo ngesinhlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi futhi agqugquzele ukuphikisana ekulinganisweni kwezibizo zezivumelwano kanye nezimvume.
- (e) Lapho lomthetho udinga ukubonisana nomphakathi kanye nokubamba iqhaza ngaphambi kokuthutha noma siphi isinqumo noma ekwenzeni noma muphi umsebenzi womthetho, nquma imigomo okufanele ilandelwe ngalokho,
- (f) Zama ukuqiniseka ukuthi ukuxhasa ngezimali ezinikezwe yisifunda kanye nezikhulu zokuthutha, ngomgwaqo abagibeli bomphakathi isetshenziswa ngokunekhono, ngendlela eyongayo, elingene kanye nechachayo.
- (g) Ukuqhubekisa ukuthuthusa kokuthutha abagibeli ngendlela

- (i) ethathela phezulu izilinganiso zezwe kanye nezakwamanye amazwe kanye nokuziphatha okuhle.
- (ii) eqhubekisa, ngaphakathi kwazonke izimpokophelo zokuthutha ezweni, ukukhuseleka kwabagibeli,
- (iii) egqugquzela ukuziphatha okunekhono, kokuqhudelana kanye nokohwebo ekunikizeni ngokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.
- (iv) ekuqhubekiseni indlela enamasu kanye nexubile ekuhlinzekeni ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ngokuhlanganisa izindawo zokuthutha abagibeli bomphakathi, ingqalasizinda kanye nezinhlizeko.
- (v) eqhubekiso amandla anekhono futhi inciphise amagalelo esimo sendawo ovimbayo.
- (h) ukuqhubekisa ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ukuze kutholakale :-
 - (i) impumelelo ekuhlangabezani nezidingo
 - (ii) ubuciko ekusebenziseni ingcebo
 - (iii) uhlobo oluphezulu kanye nokufinyeleka kwezihlinzeko kanye nengqalasizinda esebenzayo evumelana nezindlela ezifanele kanye.
 - (iv) nokusebenzisana okuphephile kwabagibeli kanye nabanye abasebenzisa umgwaqo.
- (i) alekelele ukusebenzisana kanye nokuxhumana naphakathi kanye naphakathi kwezindlela zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ukuqhubekisa ukufinyeleka kanye nethuba elifanele futhi kunciphe nezikhathi zokuhamba

Izimiso

21.(1) uMEC angenza izimiso anqume:-

- (a) imininingwane okufanele ithunyelwe nesicelo sokunikezelwa, ukuvuselela, ukuguqula noma ukushinsha ilayisensi yekusebenza.
- (b) indlela kanye nesimo isicelo maqondana namalayisensi okusebenza okufanele enziwe,
- (c) umgomo okufanele ulandelwe yinhlangano ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha noma ibhodi ekusebenzeni nesicelo.
- (d) imininingwane okufanele ithunyelwe nesicelo kuBhodi lezikhalo enqwamene nesenzo, isiyalo noma isinqumo .
- (e) imininingwane okufanele idluliselwe kubhodi, noma umbhali kuBhodi, noma umbhali kubhodi lezikhalo noma ofake isikhalo maqondana nesikhalo, kanye nendlela okukanye nesikhathi okufanele ngaso kuthunyelwe umniningwane.
- (f) umgomo okufanele landelwe yiBhodi lezikhali ekusebenzeni ngesikhalo,
- (g) amacala ibhodi okufanele liwabheke ekuhloleni izicelo zamalayisensi
- (h) ukubhala izinombolo kumizila kanye nokuyinikeza futhi kuzinhlangano ezithile noma abaphathi kanye nefomu kanye nokukhishwa kwezimpawu ezibonikalisayo kulokho,
- (i) imithetho yokusebenza ngezihlinzeko zemfundo
- (j) imigomo yokuzazulula ukungaboni ngasolinye kanye nesinqumo

- somlamuli phakathi kwenhlangano noma abahlinzeki.
- (k)uhlelo lokuhlunga abahlinzeki noma abashayeli abaphathelene nezinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.
- (l)inkambiso kanye nemigomo yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kusifunda.
- (m)ukulungisa, ukubuyekeza, ukugcwalisa kanye nokwenza njengeziphakamiso izinhlelo zokuthutha ukugcwalisela kuzimiso kanye nezimfuneko ezinqunyiwe ngaphansi komthetho kazwelonke,
- (n)ukuhlinzeka kanye nesemiso sokusebenzisa izindawo zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kusifunda.
- (o) okudingekayo maqondana ne:-
- (i)ulwazi lokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi
- (ii) inkundla yomphakathi kanye nokubamba iqhaza komphakathi ekuhlelini ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanye nokwenza imigomo.
- (iii) ucwaningo ngomsebenzi wokuqhubela phambili kwezi phathimandla zokuthutha, amadolobha amakhulu kanye nomasipala ekusebenziseni imigomo yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.
- (p) igalelo lokungahambisani nesikhathi esibekiwe esinqunyiwe ngaphantsi kwalomthetho.
- (q)izincaziselo kanye nezidingo lezo inqola esetshenziswa ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi okufanele zivumelane, ukuthasisela kulezo ezinqunyiwe isimiso, somthetho womgwaqo.
- (3)imilando kufanele igcinwe ngumuntu obambe iqhaza ekuthutheni ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanye namaphepha entela kanye nemininingwane okufanele inikezwe ngulomuntu kuBhodi noma komunye umuntu noma isikhungo.
- (s) imali noma nezindleko ezikhokhelwa umuntu obekade edingeka ukuba avele ngaphambi kwebhodi noma umbhali ezonika ubufakazi noma ezobonisa ibhuku, uhlelo noma elinye iphepha noma impahla,
- (t) imithetho ephathelene nokuphepha kanye nokunethezeka kwabagibeli ezinqoleni ezithutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanye nezinye izindaba ezihambelana nalokho.
- (u)uhlobo kanye nesimo sophawu olubonakalisayo, umazisi, ilayisensi lo kusebenza, isaziso noma ngelinye iphepha elikhishiwe noma edingekayo ngokwalomthetho, kanye nohlobo, isimo, ubukhulu kanye nombala, kanye nemininingwane okufanele iqukethwe ku, lezozincwadi, noma ukugunyazwa iBhodi noma umbhali anqume ifomu lelo.
- (v)indlela uphawu olubonakalisayo umazisi ilayisensi lokusebenza, isaziso noma elinye iphepha noma umbhalo okufanele uboniswe noma uthwalwe noma enqoleni ngokomthetho noma umbandela onqunyiwe ngaphansi kwalokho, kufanele ibekwe ibonakale noma ithwalwe kanye nendawo lapho kuyo noma enqoleni.
- (w)imithetho yokusebenzisa izinqola ngokuphepha ezisebenza ukuthutha

- ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.
- (x) ifomu lezitifiketi zokubhalisa labahlinzeki kanye nezinhlangano zayo.
- (y) izinhlobo zezinqola ezingasetshenziswa kwizinhlobo ezihlukene zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.
- (z) inani elincane lamalunga inhlango okufanele ibe nawo ukuze ibenakho ukubhaliswa.
- (aa) isikhathi esincane lapho izinhlangano okufanele ngabe zinaso ukuze ilungele ulubhaliswa.
- (bb) ezinye izidingo zokuthasisela okufanele inhlango ivumelane nazo ukuze ilungele ukubhaliswa.
- (cc) ukunquma indlela yokuphenya izinsolo zokungazi phathikahle kwezinhlangano ezibhalisile, amalunga noma abangewona amalunga.
- (dd) indlela okumele inhlango noma ongelona ilunga okumele ayisebenzise ukubhalisa, ifomu okufanele lezicelo zenziwe kulo, imali ekhokhwa kumbhali ngokwesicelo kanye nemali yonyaka okufanele inhlango noma ongelona ilungu okufanele ikhokhwe kumbhali.
- (ee) ukulungiselela ukuqeqesha abashayeli noma abahlinzeki abasebenza ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.
- (ff) ukuthuthwa kwabafundi kanye nezitshudeni,
- (gg) ubulunga kanye nokusebenza kwamakomidi okuxoxisana amatekisi asekhaya abonisiwe kusigaba 91 noma izinkundla zokuxoxisana ezikhonjiwe kusigaba 92, kanye nendlela yenqubo kanye nokuvama kwimihlangano yabo.
- (hh) izidingo kanye nezingale izilinganiso okufanele zifakwe kumatekisi anquma ibanga.
- (ii) imali yonyaka ekhokhiwa ngabaphethe izimvume noma amalayisensi ekusebenza asemthethweni ukudlula unyaka owodwa.
- (jj) noma yiphi indaba engaqhubekisa impokophelo yalomthetho.
- (2) uMEC owenza izimiso ezidinga ukukhokhwa kwezimali ze:-
- (a) zesicelo sokunikezwa kuvuselela, ukuguqula noma ukushinshwa kwelayisensi lokusenza.
- (b) isikhalo kuBhodi lezikhalo nokwenza, ukulayeza noma isinqumo se Bhodi.
- © ukukhiswa kophawu olubonakalisayo noma ezinye izincwadi noma izimpindakabili zalokho yinhlangano ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha kanye nokunqunywa kwemali yalokho, izimo lezo mali ekhokhiwe izakudliwa khona noma ibuyiselwe yonke noma ingxenye, imali eyingxenye ezobuyiselwe emuva kanye nezimo lezo imaliekhokhiwe ngokuthanda Bhodi noma iBhodi lezikhalo engadliwa yonke noma ibuyiselwe emuva yonke noma ingxenye
- (3) u MEC anganquma umthetho sisekelo osezingeni eliphantsi wezunhlango kanye nenhlanganisele yemithetho yokuziphatha yabangewona amalunga futhi ingenza imithetho ethasisela indlela lapho:-
- (a) inhlango ebhalisile kanye namalunga ayo efanele ukuqhuba izindaba zayo.

(b) ongelona- ilunga elibhalisile kufanele aqhube ibhizinisi lakhe

(4) Izimiso ezihlukene ezenziwe ngaphantsi kwalesigaba singasebenza ezindaweni ezihlukene e Gauteng kanye nezinhlango ezintsha ukuhluka kulezi ezikhona.

(5) Izimiso ezibhekiwe kulesigaba noma esinye isigaba salomthetho singanikeza ukuthi umuntu ophula lemibandela noma ohluleka ukuhambisana nayo uzothweswa icala futhi kungenzeka uma elahlwa yicala akhokhe inhlawulo noma agqunywe ejele izinyanga ezingeqi kweziyisithupa.

(6) Nomayisiphi isimiso esenziwe ngokomthetho sichithwe noma sishiywe yilomthetho futhi sisebenze masishane ngaphambi kokuqalisa ngalomthetho maqondana nezindaba ezihambelana nalezo UmeC ukwaziyo ukwenza izimiso ngokwalesigaba sithathiwe ngenhloso yalomthetho, njengezimiso ezenziwe ngokwalesigaba ukufakela uMEC enze ezinye izimiso ezizoba ngaphezu kwalezi ngaphansi kwesigaba.

Imithetho yamadolobha

22.(1) Isikhulu sedolobha elikhulu ngokuhambisana nohlelo lokuthutha ohuhlangane oluqondene singa :-

(a) Hlela ngomthetho ubukhulu noma inani lezinqola ezisetsheziswa izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi abangangena indawo ekhanyisweyo echachisiwe yendawo egunyazwe ngumthetho futhi singanquma nesikhathi noma izikhathi lapho lezozinqola kufanele zingene kuleyondawo.

(b) Hlela noma senqaba ukungena kwaleyonqola kundawo echachisiwe ngezikhathi ezibikiwe,

© nqaba ukugitshezwa noma ukwehliswa kwaba gibeli yilenqola kwindawo ecacisiwe ngesikhathi esibekiwe, futhi sinqume nesikhathi lapho ukugitshezwa noma ukwehliswa kungenzeka khona.

(2) umasipala angathatha imithetho yamadolobha ukuqhubekisa izimpokophelo zalomthetho ezingashayisani nalomthetho wona izimiso ezinziwe ngaphantsi kwalowo, kanye, kodwa kungacini ku-

(a) Ukunikeza imizila izinombolo kanye nokuyika izinhlanga no ezithile noma abahlinzeki abasebenza izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, kanye nefomu kanye

nokukhishwa kwezimpawu ezibonakalisayo kulokho.

(b) ukunikezwa kwezindawo kubahlinzeki abathile noma izinhlangano kanye nemali ebiziwe kulokho;-

© ukuqokwa kanye nokuziphatha kuba komashali berenki

(d) ukuziphatha kwabashayeli bezinqola ezisetsheziswa ukuhlinzekaukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, okungafaka ukunqaba ukufuna abantu noma ukupopoza ukuheha abagibeli.

(3) umasipala angenza izivumelwano nabantu noma izikhungo maqondana nokunikezwa noma ukusebenzisa izindawo ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwagqo abagibeli bomphakathi ezitholakala ezindaweni eziphethwe ngasese, ngokuhambisana nezimo noma imihlahlandlela eyenziwe ngu MEC uma ukunikezwa noma ukusebenza kuhambisana nezinhlelo zokuthutha eziqondene.

Ukudingeka kolwazi kanye nezinhlelo zokuludlulisa.

23. u MEC-

(a) kufenele athuthukise futhi agcine ulwazi kanye nohlelo lokuludlulisa lokuthutha ngomgwagqo abagibeli bomphakathi ngokusebenzisane nabomasipala kanye nezikhulu zokuthutha ukuqokelela ulwazi oluqondene nezimpokophelo zalomthetho noma zomgomo wokuthutha ka zwelonke, noma wesifunda.

(b) angagodla amalungelo noma izabelo kumasipala noma izikhulu zokuthutha kusukela kusuku olunqunywe nguyena ngaphandle kokuthi isikhulu sivumelane nezidingo zokuludlulisa ulwazi okukhonjiwe kusiqephu (9)

©kufanele asakaze izidingo noma izimiso ezinquma uhlelo olubonisiwe kusiqephu (a) ku Gazethi.

(d) angathathela kuye ukuqoqwa kolwazi olumaqondana nokuthutha ngomgwagqo abagibeli bomphakathi futhi alwenze lutholakale kubantu abaluthandayo futho asabalalise ulwazi maqondana nalokhu kuthutha ngokusebenzisa amaphephandaba, umsakazo, umabonakude noma eminye imithombo yezindaba.

Izithunywa

24. uMEC anganxusa noma anganika amandla noma umsebenzi othweswe noma obekwe yena kusikhulu somnyango, ngaphandle kwamandla okwenza izimiso, kanti futhi angahoxisa ukukunxusa noma umsebenzi noma ngasiphi isikhathi. Imigomo yokuhlela ukuthutha ngomgwagqo abagibeli bomphakathi.

ISIGABA 4: UKUHLELA UKUTHUTHA NGOMGWAQO ABAGIBELI BOMPHAKATHI

25. Iemigomo elandelayo izosebenza kumizamo yokuhleka ukuthutha ngomgwagqo abagibeli bomphakathi kusifunda

(a) ukuhlela okunzulu, okuhlangene kufanele kwenzeke phakathi kombono wokuthuthuka obanzi ohlanganisa ukuthutha kanye

nokuhlela okugqagqelene,

- (b) izinhlelo zokuthutha kufanele zikhomise izinkambiso zokukhetha

©noma izikhulu zokuthutha zingeke zaba ngabahlinzeki bemisebenzi kajantshi ngesikhathi esifushane kanye nesiphakathi, izibonelo zikajantshi kufanele zihlanganiswe ngokugcwele kuzinhlelo zokuthutha ezihlangene ngokubukisana nabahlinzeki bemisebenzi kajantshi

- (d) ngamathikithi kanye nezinye izindlela ezifana naleyo kufanele zisetsheziwe ukunciphisa isikhathi sokuhamba kanye nokungeza ukunethezeka kubagibeli..

- (e) izinhlelo zokuthutha ezifanele kufanele zikhombise ukuthi zinyathelo zini ezingavamile ezithathiwe noma ezizothathwa ukulungisela abagibeli ngezidingo ezingavamile, ngingabantu abakhubazekile.

Izinhlelo zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.

26.(1) Uma ulungisa uhlelo lokuthutha umphakathi ngokwesigaba 26 somthetho kaZwelonke okulandelayo, phakathi

kwezinye izinto, kufanele kubhekwe:

- (a) zonke izivumelwano eziqondene

- (b) imizila lapho kokubili ubuhlinzeka okuxhasiwe nokungaxhasiwe lapho kokubili ubuhlinzeka okuxhasiwe nokungaxhasiwe lapho kwenzekakhona.

(2) lezozinhlelo kufanele ziyame kulokho okulandelayo, phakathi kwezinye izinto.

(a) imizila eboniswe ngokucacile njengelandela imigwaqo noma Izitaladi ezicacisiwe nje ngephikisana nemizila

yalapha na aphaya

- (b) uhlelo lwezikhathi kumihlinzeko ehleliwe

© umthamo okhona unqunywe kulemizila,

(d) isidingo kungagibeli kulemizila enze, futhi kufanele ifake nezinhlobo zezinhlizeko ezihlelwe kusigaba 6

njengoba kunganqunyiwe

(3) lezozinhlelo kufanele ziqukathe imininingwane enqunyiwe yisimiso noma ngesinye isimiso sikazwelonke noma esesifunda.

(4) lezozinhlelo kufanele ziqukethe imininingwane eyanele ezokwenza isikhulu sokuthutha ukuba sinqume ukunikwa kanye nokufunwa kwezihlinzeko kumzila ngamunye lapho kunikezwa izihlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi khona.

(5) kunqubo yokulungisa lizizinhlelo, izikhulu zokuthutha kufanele zithathele kuzo imigomo yokubonisana nomphakathi enqunyiwe futhi kufanele inike abantu abanothando isikhathi esanele sokubeka umbono futhi beze nezincomo ngezinto ezihleliwe ezingathunaza intshiseko yabo.

Imisebenzi yezikhulu zokuthutha, amadolobha amakhulu aqavile kanye nomasipala maqondana nokuhlela.

27.(1) Isikhulu sokuthutha ngasinye kufanele singene kuzivumelwano kanye nabahlinzeki bemisebenzi ngemizila ngaphakathi kuzindawo zabo zomthetho ngezihlizeko ezicabangelwe kumgomo wesifunda kanye nokaZwelonke.

(2) lapho kunesidingo sokungeza izihlizeko kumzila ongakaze futhi ongeke unikezwe ngokwesivumelwano, isikhulu kufanele simeme isicelo kuBhodi lamalaysensi okusebenza zalezihlizeko ngokuya

kwezinhlelo zokuthutha zabo ngokuhambelana nesigaba 38.

(3) izikhulu zokuthutha, amadoloba amakhulu, omasipala kufanele baqiniseke, ngokwanele, ngezincomo e kuBhodi, ukuthi ukunikezwa lwamalaysensi okusebenza kwenzeka ngendlela ethi abagibeli kumzila eqondene banikezwa ngezinto zokuthutha ngokuya ngokukhona kwemali nokuthi ukunikezwa okweqile kwezihlizelo kuyagwemeka.

(4)lapho uhlelo lokuthutha lubonisa ukunikezwa okweqile kwezihlizeko kumzila, isikhulu sokuthutha sifanele.

(a)singamema izicelo zamalaysensi okusebenza amasha kulowomzila.

(b)sicele iBhodi ngokubhala phantsi ukuthi lingakhiphi amanye amasha amasayisensi okusebenza noma siguqule noma liphi ilaysensi lokusebenza ukugunyaza ukuhlinzeka okungenziwa kulowomzila, futhi.

©sithathe izinyathelo ezibonakalayo ngezinyathelo zokuqhoqelela umthetho noma ngokuhoxisa amalaysensi okusebenza eqile ngokwesigaba 51 somthetho kazwelonko ufundwa nalomthetho, noma ngeminye imizamo enqunyiwe ukuletha ukunikezwa okweqile kulayini nokudingekayo.

(5) ekuhleleni izihlizeko ezinesivumelwano izikhulu kufanele zibheke imizila ngobubanzi, lokhu kusho ukuthi bathathe ngokubalulekile izihlinzeko ezixhaswayo kanye nezingaxhaswanga futhi kufanele lapho banikeze isivumelwano izeyihlanganisela yezihlizeko ezixhasiwe kanye nezingaxhasiwe

Ukuguquka kwezinto maqondana nokuhlela.

28. (1) Uhlelo lokuthutha elivunywe ngaphantsi kwesigaba 6 (1) somthetho

wokuthutha edolobheni,1977 (umthetho namba 78 ka 1977) kanye naluphi uhlelo lokuthutha abagibeli besifunda olubhalwe ngumkhandlu wezinhlizeko wesifunda ngokomthetho wemikhandlu yokuhlinzeka wesifundam 1985 (umthetho namba109 ka 1995) uzohlala ukhona kufikela uguqulwe noma ushinshwe yizinhlelo

zokuthutha eziqondene ngaphantsi komthetho kaZwelonke.

(2) noma kuphi okubhaliwe kokuthutha umphakathi okulungiswe ngokwesigaba 3 somthetho wokuhlela ukuthutha okwesikhashana kaZwelonke, 1998 (umthetho namba 45 ka 1998) uzothathwa njengobhaliwe odingwa yisigaba 23 somthetho ka Zwelonke.

(3) ngenhloso yamalungiselelo enzekayo avela kungxenye yesigaba (1), uMEC anganikeza amagunya ngokwesivumelwano kuzikhulu zokuthutha eziqondene noma omasipala ngesaziso ku Gazethi

(4) lapho ekuqaleni kwamthetho, isifunda besizenzela izinhlelo zokuthutha abagibeli, ngaphandle kwezinhlizeko ezikhonjiswe kusigaba 20 (4) somthetho kaZwelonke, lapho ngokomthetho sisekelo kufanele nenziwe

ngomasipala, u MEC kanye nezikhulu zokuhlela eziqondene kufanele zenze amalungiselelo okushinshela imisebenzi yokuhlela kuzikhulu zokuhlela ezifanele.

ISIGABA 5: IBHODI LAMALAYISENSI OKUSEBENZA UKUTHUTHA EGAUTENG.

Ukusungulwa kanye ne Bhodi lamalayisensi okusebenza ukuthutha eGauteng.

29.(1) Igama leBhodi yezimvume zokusebenza ukuthutha e Gauteng esungulwe ngaphantsi kwesigaba 2 somthetho wokuthutha ngomgwaqo wesikhashana e Gauteng, 1998 (umthetho namba 2 ka 1998) uguqulelwe kuBhodi lamalayisensi okusebenza ukuthutha e Gauteng futhi kusho ukuthi yi Bhodi okushiwo lona kusigaba 30 (1) somthetho kaZwelonke.

(2)Ibhodi kufanele libe nomgcinisihlalo, kanye nenani lamanye amalunga elinqunywe ngu mec, abazoba ngabona Bantu abanesipiliyoni esibanzi, futhi ababonise nekhono ekuthutheni abagibeli bomphakathi kwezohwebo, ezemisebenzi, ezezimali kanye nezindaba zomthetho noma ekuziphatheni kwezindaba zomphakathi,

(3)amalunga eBhodi lizimvume zokuthutha e Gauteng aqokwe ngaphambi kokuqala kwalomthetho azakuqhubeka ehovisi njengama lunga eBhodi ukuze izikhathi zokuqokwa kwabo ziphele, ngaphandle kokuthi u MEC aphelise ukuqokwa kwabo ngaphambi kwesikhathi.

4(a) ngaphambi kokuqoka amalunga e Bhodi, u MEC kufanele asakaze isicelo sonhloso yokwenze njalo, futhi amena isicelo zobulunga, okungenani kuphepha-ndaba elilodwa eliitholakala kusifunda, ngesingisi futhi okungenani olunye ulimi olusemthethweni olulodwa olukhulunywa ngabaningi kusifunda.

(b) ngaphambi kokuqoka nomaliphi ilunga, u MEC kufanele asakaze, ngendlela efanayo, amagama abantu yena afisa ukubaqoka kuBhodi, futhi ameme isithasiselo kanye neziphakamiso ngalokhu.

●u MEC kufanele aqwalasele kahle noma siphi isithasiselo kanye nesiphakamiso esitholakele.

(5)umuntu akufanele aqokwe noma ahlale ayilunga le Bhodi uma yena:-

(a) noma ashade naye noma umgani, ilungu lomndeni eliseduze, abancike kuye, ohlanganyele naye ibhizinisi noma umqashi, enentshiseko yemali kubhizinisi lokuthutha ngomgwaqo abagibeli

bomphakathi noma ongakhethiwe onesikhundla kunhlangano, noma ethathekile ekusebenzeni lapho ngokubuka kuka MEC lokho kuzokhubaza

ukusebenza imisebenzi yehovisi lakhe ngendlela engachamile.

(b) uma engaphantsi komthetho waba khubazekile

©uma engasnakuphuma ezikweleteni

(d) watholwa enecala eliphathelene nokungathembeki noma wasuswa ehovisi lomphakathi ngokungaziphathi kahle.

(6) uma ukuqokwa kwanoma muphi umuntu njengelunga le Bhodi kucatshanga lowo muntu kufanele adalule ngokubhala phantsi noma ngabe yiphi intshiseko angaba nayo kunomayiphi ingxanye yohwebo lokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi kanti ukuhluleka ukwana njalo kwenza incala.

(7) umgcinisihlalo weBhodi kufanele aqokwe isikhathi esingadluli iminyaka emiththu, kanti amanye amalunga eBhodi isikhathi esingeqi kuminyaka emibili ngokuya ngalomthetho, bazobamba ihovisi ngezimo zokukhokhelwa kanye nokunye njengoba uMEC ezonquma umabeqokiwe.

(8) uma ihovisi lomgcinisihlalo weBhodi noma ilunga leBhodi alisena noma lizobe lingenamuntu, u MEC kufanele athathe izinyathelo ezisheshayo ukugcwalisa isikhala ngokuqoka, ngokuhambe lana nalesigaba umuntu ophilile futhi ofanele ongenakungena kulokhu kususwa okuchazwe kungxanye yesigaba(5)

(9) umuntu osikhathi sakhe sehovisi njengelunga leBhodi sesidlulile, ufanelekile ukuqokwa futhi.

(10) isikhulu somnyango kufanele ngokuya ngemithetho engamele umsebenzi womphakathi anikezene, ngezisebenzi ezidingekayo ukuncedisa ibhodi ekwenzeni imisebenzi yalo, ukuyekela, ukushiya kanye nokususwa ehovisi amalunga eBhodi

(Missing)

30. (1) Ilunga le Bhodi lingayekela ukusebenza ngesicelo esibhaliwe sezinyanga ezimbili ku MEC.

(2) uMEC angasusa ehovisi ilunga leBhodi:-

(a) elihlulekile ukuhambisana nombandela wokuqokwa kwakhe.

(b) elitholwe linecala lokungaziphathi kahle noma obengasanaki ngesikhathi esifanayo imisebenzi yakhe njengelunga le Bhodi noma ohlulekile ukwenza leyomisebenzi ngendlela eqotho futhi engachamile.

©ohluleka ukwenza ngokuqeqeshile imisebenzi yakhe njengelunga le Bhodi

(d)ohlulekile ukubungaza imihlangano emithathu ngokulandelana kwayo ye Bhodi ngaphandle kwesizathu esizwakalayo.

(3)ilunga le Bhodi lingashiya ihovisi lalo uma ilunga:-

(a) uma siba ngaphantsi kwanoma yikuphi ukungafanelwa ukuqokwa okushiwo kusigaba 29 (5)

(b) lisuswe ehovisi ngaphantsi kwengxanye yesigaba(2)

AMANDLA EBHODI

31.(1) ngokwehluka kwamanye amandla anikezwe yilomthetho, ibhodi linga:-

(a) phanda ngendaba ewela ngaphakathi kwelungelo lalomthetho, futhi lidhulise izincomo ngalokho ku MEC,

(b) bukafuthi linike isinqumo noma ngokunye ukwazana, ngokuvumelana nolomthetho isicelo esenziwe kulo salokhu okungezantsi :-

(i) sekunikeza ilayisensi lokusebenza eligunyaza lokho ukuthutha ngomgwaqo abagibelibomphakathi eGauteng.

(ii) sekunikezwa ilayisensi lokusebenza eligunyaza lokhu kuthutha okusuka e Gauteng futhi kwenzake nomakwesinye isifunda ngokuvumelana ne Bhodi lakwesinye isifunda,

(iii) sokuvuselela, ukuguqula noma ukushintsha ilayisensi lokusebenza elakhishwe yilona,

©likhiphe, ngokuvumelana nezinhlizeko zalomthetho, ilayisensi yokusebenza elakhishwa lavuselelwa, laguqulwa noma lashinshwa yilona,

(d) ngenhloso yokusebenza ngodaba oluphambi kwalo ngokwalomthetho-

(1) ngokuhlakanipha kwalo livumele umuntu othiphakani onothando kulodaba, noma ummeli walowomuntu ogunyazwe ngokuphelele, ukuba avele phambi kwalo azo-

(aa) nikeza ubufakazi noma enze ukumela ngokukhuluma okuqondene nodaba.

(bb) Azobiza ofakazi baqhube ubufakazi ngombuzo oqondene nodaba, noma

(cc) Abuze umuntu othule ubufakazi njengofakazi kudaba.

(ii) ngesaziso esibhaliwe njengoba kunqunyiwe futhi kwenzoka ngendlela enqunyiwe, lidinga uumuntu avele phambi kwalo ezonika ubufakazi noma ezoletsa incwadi, uhlelo noma impahla ekuyena noma ngaphansi komthetho wakhe.

(iii) Libize umuntu okhona kuleyondawo lapho iBhodi lidingida lolodaba, avele phambi kwalo azothula ubufakazi noma adhulise incwadi, uhlelo noma elinye iphepha noma impahla ekuyena.

(iv) Libuze umuntu ovele phambi kwalo njengofakazi

(v) Linganqaba ukulalela umuntu ovele phambi kwalo njengofakazi owenqabayayo ukuba afungiswe noma avume.

(vi)

(2) Umuntu ophethe isihlalo emhlanganweni weBhodi umuntu evela khona njengofakazi njengoba kulayeliwe kungxenywe yesigaba (1), angangamela isifungo noma ukuvuma kumuntu ovele kanjalo.

(3) Ibhodi linganikezana ngabantu abanentshiseko lapho ngezizathu ezibhalwe phansi ngesinqumo elisithathile.

Imihlangano kanye nezinqumo zebhodi

32.(1). Imihlangano yeBhodi kufanele ngokwemigomo enqunyiwe futhi ngezikhathi kanye nezindawo ezinqunyiwe.

- (2) Umgcinisihlalo kanye okungenani amalunga amabili eBhodi bazokwenza isabelo sabantu okufanele babekhona emihlanganweni yeBhodi.
- (3) Isinqumo samalunga amaningi eBhodi akhona emhlanganweni kuzoba yisinqumo seBhodi ngokuya ngalezozinqubo kanti lapho kunenani elilinganayo lamavoti, umuntu ohola umhlangano unevoti lokuphoswa ekungezeni phezu kwevoti lakhe lokukhuluma.
- (4) Uma umgcinisihlalo weBhodi engakhoni ukubungaza umhlangano weBhodi, umgcinisihlalo angakhetha elinye ilunga leBhodi libe ngumgcinisihlalo kulowomhlangano.
- (5) Akukhosenzo, kulayelwa noma isinquma seBhodi esingathathwa njengesingekho emthethweni ngokwe qiniso, uma isenzo senziwa noma ukulayezwa noma isiqumo sanikezwa, isikhala sabakhona kuBhodi noma umuntu wayeyilunga leBhodi owasuswa ngaphansi kwesigaba 29 (5) ukuba abe yilunga, kufanele noma kungafanele lesosenzo salowomuntu sasidingeka ekwenzeni lesosenzo sakhe noma enikeza lokho kulayela noma isiqumo.

Ukusungulwa kwesigungu sokuxwayisa ibhodi

33.(1) UMEC anga, uma enxuswa yiBhodi, sungula isigungu sokuxwayisa iBhodi lamalayisensi okusebenza eGauteng ukuba sixwayise iBhodi.

- (2) Isigungu kufanele sixwayise iBhodi ngezinto eziphathelele nemigomo futhi akufanele sihlanganyele kuzinqumo zongobodwa zeBhodi nga phandle lokucelwa yibhodi uqobo kanti uma beceliwe njalo, kufanele banikeze isixwayiso nje futhi sehlobo lomgomo.
- (3) (a) Isigungu kufanele sibe nalamalunga alandelayo, okufanele baphakanyiswe izinhlangano zabo ngokufanayo, uma inhlango ibhalisiwe ngokuya ngalomthetho noma ivunywe ngokomthetho nguMEC, futhi yaqokwa nguMEC.

(h) (i) umbhekeli oyedwa obuya kuMnyango.

- (ii) umbhekeli oyedwa obuya kudolobha elikhulu ngalinye.
- (iii) umbhekeli oyedwa obuya kuhwebo lwetekisi eyikhumbi.
- (iv) umbhekeli oyedwa obuya kuhwebo lwetekisi elinquma ibanga
- (v) umbhekeli oyedwa obuya kuhwebo oluhleliwe lwamabhasi.
- (vi) umbhekeli oyedwa obuya kuhwebo olusafufusa noma amabhasi amancane.
- (vii) umbhekeli oyedwa obuya kuhwebo labahamba ngojantshi
- (viii) umbhekeli oyedwa obuya kwabahlizeka ngemisebenzi yemfundo.
- (ix) umbhekeli oyedwa kwezinye izinhlobo zabahlizeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi okuchaziwe kulomthetho, uma kunjalo esenqumile u MEC
- (x) bangeqi kubantu abathathu abanekhono, ngombono kuMEC, bokumela izidingo zabagibeli, oyedwa emele abagibeli kuzigaba ezihlukene zomsebenzi.

- (xi) bangeqi kubantu abathathu, ababuya kuzinyunyana zabasebenzi ezihambelana nohwebo lokuthutha umphakathi, oyedwa amele abasebenzi kuzigaba zomsebenzi ezihlukene.
- (b) Uma oyedwa wababhekeli abaqokile abashiwo kusiqephu (a) angatholakali, inhlango econdene ingamshinsha lowombhekeli kodwa loloshinsho angeke lube olungenakugulwa.

(4) Umgcinisihlalo weBhodi uyoba ngumgcinisihlalo wesigungu.

(5) Isigungu kufanele sikhethe ilunga labo elilodwa libe ngumgcinisihlalo uma umgcinisihlalo enganakubungaza umhlangano wesigungu.

(6) Amalunga esigungu azobizwa wonke ngokungahleliwe uma kunesimo uma kudingeka yiBhodi, kodwa kufanele bahlale okungenani imihlangano emibili ngonyaka.

(7) Ilunga lesigungu eliyilunga lomsebenzi womphakathi uzoba sehovisi uma edingeka ukwenze njalo nguMEC, kanti amanye amalunga kufanele aqokwe isikhathi esingadluli iminyaka emibili futhi kufanele, ngokuya ngalomthetho, babambe ihovisi ngaleyomibandela futhi ngalokho kukhokhelwa njengoba Umec anga, ngokuvumelana nelunga lekomidi eliphezulu lezezimali, banqume lapho ilunga laqokwa khona. Ukusungulua izinhlangano zokuphatha amalayisensi okusebenza ukuthutha.

34. (1) Isikhulu Somnyango kufanele sikhethe oyedwa noma abaningi bezikhulu zomnyango ukuba babekwe emahovisi edolobha ngalinye elikhulu ukuba bagcwalise imisebenzi yezinhlangano zokuphatha izimvume zokuthutha, ngendlela enqunyiwe.

(2) Inhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha kufanele ithole amafomu agcwalisiwe ezicelo zamalayisensi okusebenza ngokwezindlinzeco eziqala kundawo yedolobha labo kanye nemali yesicelo, futhi kufanele babheke ukuthi amafomu ezicelo agcwalisiwe ngendlela futhi nokuthi onke amaphepha ahambisana nesicelo afakiwe futhi asemthethweni futhi ayamukeleka, bese afaka imininingwane yezicelo lapho kugcinwa imininingwane econdene ngedlela enqunyiwe.

(3) Inhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha kufanele adlulisele izicelo kuzikhulu zayo zamadolobha amakhulu, kuzinkundla eziqondene kanye namakomidi okuxoxisana aqondene ukuze kutholakale izincomo ngendlela enqunyiwe.

(4) Ekwenzeni izincomo, izikhulu zamadolobha kuziniseke ukuthi isicelo sivumelana nezinhlelo zokuthutha) eziqondene kanye nezinye izinhlelo ezisetshenziswa ezweni kanye nokuthutha okuqondene, futhi babheke nezizathu njengokudingeka noma, izidingo ngokwemizila, ukutholakala kwezikhala zamarenki kanye nokuminyana kanye neminye imicabango yedolobha elikhulu noma eyasekhaya (local).

(5) Uma ingekho inkundla noma ikomidi lokuxoxisana ngokuya ngomzila noma indawo ngesikhathi esiqondene, inhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha kufanele adlulisele isicelo kuzinhlangano eziqondene ukuze zithasisele futhi zincome, ngaphandle kokuthi inhlango isivese ithasisele lefomu lesicelo.

(6) Inhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha kufanele iqoqe yonke imininingwane iyidlulise kanye kufomu lesicelo kanye nezinye izincwadi ezisizayo kuBhodi ukuthi lithathe isinqumo.

(7) Lapha ukuthutha okuhlongozwayo kuzokwenzeka kundawo yedolobha yenye inhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha inhlango ephethe amalayisensi okuthutha yokuqala kufanele idlulisele isicelo kulena enye inhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha, okufanele ithathe izinyathelo ezikhonjiswe kungxenye yesigaba (3) ukuya ku (6) futhi ibuyisele isicelo kanye nezincomo ezifanele kunhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha yokuqala.

(8) Lapho iBhodi lakwesinye isifunda lidlulisele isicelo kuBhodi ukuba lithasisele maqondana nofake isicelo ohlala kwesinye isifunda, iBhodi kufanele lidlulisele isicelo kunhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha eqondene ukuthi yona inhlango ithole izithasiselo kanye nezincomo ezishiwo kungxenye yesigaba(3).

ISIGABA 6: AMALAYISENSI OKUSEBENZA

Ukuguqulwa kwezimvume zibe ngamalayisensi

35. (1) Izimvume zihlala zisemthethweni kuze kufike usuku olunqunyiwe ngokwesigaba 32 (2) somthetho kaZwelonke.

(2) Izimvume kufanele ziguqulwe zibe ngamalayisensi okusebenza akhishwe ngaphansi komhlinzeko ohambelana nalomthetho ngosuku olushiwo kungxenye yesigaba (1) ukuhluleka kwalokho zizakuphelelwa yisikhathi

(3) Izimvume ebezingakasebenzi phakathi kwesikhathi esinqunyiwe ngu MEC ngesicelo ku Gazethi azingeke ziguqulelwe kulayisensi lokusebenza futhi zizakuphelelwa yisikhathi ngosuku oluchazwe kuleyoGazethi.

(4) Endaweni yemvume ekhishiwe ngesikhathi esibekiwe, ilayisensi lokusebenza lizakuba semthethweni ngesikhathi esingakapheli kusikhathi esibekiwe.

(5) Endaweni yemvume enganqunyelwe sikhathi ilayisensi lokusebenza lizakusebenza isikhathi esinganqunyiwe, ngokuya ngezinhlizeko zola mthetho ohambelana nokuhoxiswa, ukumiswa, ukuguqulwa kanye nokuphelelwa yisikhathi kwezimvume noma amalayisensi okusebenza.

(6) Imvume ayifanele ukuguqulelwa kulayisensi lokusebenza ngaphandle kokuthi isitifiketi esisemthethweni sokuthi imoto iphilile noma isitifiketi sokulungela umgwaqo sivezwe saleyonqola eqondene futhi isigaba 5(4) siyasebenza kulokhu.

(7) Izimvume zezinhlizeko ezihleliwe ezigunyaza umsebenzi phakathi kwendawo echaziwe kufanele ziguqulelwe kumalayisensi okusebenza achaza umzila ngamunye ngokugwele kanye nohlelo lwesikhathi lwalemizila.

(8) Izimvume zezinhlizeko ezihleliwe ezinikezwa ngokwezivumelwano zesikhashana kanye nezilinganiso zesibizo ezamanje kufanele ziguqulelwe kumalayisensi okusebenza ezichachiswe yile zezivumelwano.

(9) Izimvume zezinhlizeko ezingahleliwe, ngaphandle kwezinhlizeko zamatekisi anquma ibanga kanye nezinhlizeko zezithuthuthu ezigunyaza ukusebenza phakathi kwendawo echaziwe noma irediyasi

kufanele siguqulelwe kumalaysensi okusebenza achachisa umzila noma imizila ngokugcwele, kodwa indawo echaziwe ingagunyazwa kuzimo ezihlukile emthethweni lapho kungenamigwaqo echaziwe.

- (10) Izimvume zezinhlizeko zamatekisi anquma ibanga kufanele ziguqulelwe kumalaysensi okusebenza achachisa indawo echaziwe yokusebenza ukugibeza abagibeli, ngokuya kwesigaba 8.
- (11) Indlela okufanele ilandelwe kanye nendlela yokufaka izicelo ezizokwenziwa ngaphansi kwengxenywe yesigaba (2) iziba njengoba kuqunywe.

Izivumelwano zezinhlizeko

36. (1) Isikhulu zezivumelwano akufanele zingene kuzinhlizeko zesivumelwano esixhasiwe ngokunye ngokwamukela isilinganiso sesibizo ngokuya ngezimiso ezenziwa ngu MEC, ngokomthetho kaZwelonke.

(2) Ingxenywe yesigaba (1) kanjalo izosebenza kuzinhlizeko zezivumelwano ezingaxhasiwe, ngaphandle kokuthi uMEC akhiphe izinhlizeko ezichachisiwe noma izinhlobo zezivumelwano kulezizidingo ngesaziso kuGazethi.

(3) Izivumelwano kufanele zinganikezwe ngu Mnyango noma isikhulu sokuthutha esiqondene ngokuvumelana nalazizinhlelo zokuthutha, ngokuya kwesigaba 39(5) kanye noshinsho olufanele. Ukuphelelwa yisikhathi kanye nokusulwa kwamalaysensi okusebenza kanye nezimvume ngokuhambelana nezivumelwano.

37. (1) Uma isivumelwano noma siphi siphela, zonke izimvume noma amalaysensi okusebenza izinhlizeko ebezinikezwa ngaphansi kwaso isivumelwano ziyaphela ngosuku lokugcina futhi kufanele zilethwe kuBhodi zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa siphelile.

(2) Lapho izilinganiso zezibizo ziminyi we kuzinhlizeko zesivumelwano isixhasiwe-

(a) akekho umhlinzeki okufanele afake isilinganiso sesibizo kulesosivumelwano ngaphandle kokuthi umhlinzeki alethe kuBhodi zonke izimvume zakhe kanye namalaysensi okusebenza aphethwe nguye ukuba asulwe kumzila othintekayo kulezinhlinzeko.

(b) IBhodi, ngokunxuswa yisikhulu sezivumelwano, kufanele lihxise zonke izimvume noma ilaysensi lokusebenza ezigunyaza izinhlizeko kulemizila ethintekayo kulesosivumelano, ngaphandle kokuthi uminini wemvume uyanxeshezwa ngokuvumelana nemihlahlandlela ekhonjiswe kusigaba 51 (4) sothetho kazwelonke

(3) Akukhosinxephezelo esikhokhwayo umakusulwa ilaysensi lokusebenza noma imvume ngaphantsi kwesiqephu (a) sengxenywe yesigaba (2),

Izicelo maqondana namalaysensi olusebenza

38 (1) lapho uhlelo lokuthuthu lubonisa isidingo sezinhlizeko ezingezekile kumzila, isikhulu sokuthutha singamema izicelo kubhodi zamalaysensi okusebenza ukunikeza izihlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi angekho kuzivumelwano kulowomzila.

(2) Umuntu noma inhlango efisa ukuthatha izinhlizelo zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi ngaphandle kwezinhlizelo ezishiwo kusigaba 52(1), kufanele ucele kubhodi ukunikezwa ilayisensi lokusebenza elifanele.

(3) Onalo ilayisensi kufanele acele kubhodi ukuba livuselelwe noma liguqulwe ilayisensi lokusebenza.

(4) Umuntu noma inhlango efisa ukushintsha ilayisensi lokusebenza angacela kubhodi ngokubhalwe phantsi ukuthi umnikazi uyavuma ukushintsha ilayisensi lokusebenza.

(5) Izicelo ngaphantsi kwengxenywe yesigaba (1), (2), (3) noma (4) kufanele –

- (a) Zenziwe ngohlelo lwesicelo esisodwa ngenqola eyodwa
- (b) Zenziwe ngendlela enqunyiwe.
- (c) Zenziwe kufomu elinqunyiwe.
- (d) Ziphelekezelwe yimali enqunyiwe kanye nezindlela zokushicilela isicelo ngaphantsi kwesigaba 42, njengokulinganiswa yibhodi kodwa akunamali eyokhokhwa lapho ilayisensi lokusebenza liyoba ngelesivumelwano.
- (e) Kucacisiwe inqola ezosetshenziswa ukunikeza izinhlizelo eziqondene.
- (f) Kunqola yokuthwala izimpahla eguquliwe, iphelekezelwe yimininingwane eyincasiselo yenqola njongoba kunqunyiwe.
- (g) Kufakwe incazelo ephelele yomzila noma imizila lapho ofake isicelo esebenza khona noma ohlose ukusebenza khona kanye nazozonke izindawo lapho abagibeli begitshezwa noma bayogitshezwa khona noma behliswe khona .
- (h) Futhi, sifakwe nenhlango ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha esungulwe yindawo yedolobha elikhulu eliqondene.

(6) Ifomu lesicelo ngokwezicelo ezibonise kuizingxenywe zezigaba (1),

(2) kanye no (3) zezinhlizelo zohlobo-lwetekisi oluyikhumbi kufanele zibe nendawo yezincomo zenhlango yamatekisi esebenza kumzila, imizila noma ukuhlango kwemigwaqo okukhulunywe ngakho lapho ofake isicelo eyilunga, okufanele igcwaliswe yinhlango ngaphambi kokudlulisa isicelo, noma isitatimende esokuthi ayikho inhlango ekhona noma, ethi ofake isicelo ungumuntu ongelona – ilunga obhalisile

(7) Abafake izicelo kufanele bachaze kufomu lesicelo ngaphantsi kwesifungo noma ukuvuma noma bake batholakala banamacala obugebengu obesimo esinqunyiwe futhi uma kunjalo, bahlele amacala futhi bacaze noma bona, noma abagenene nabo, abangani noma amalunga omndeni aseduze, abancike kubo, abangani kubhizinisi noma abaqhashi bayizikhulu ezigunyaziwe noma izikhulu zemisebenzi yomphakathi noma abaphethe isifunda noma abaphethe umasipala..

(8) (a) Ibhodi kufanele libhalise izicelo zezinhlizelo ezingenasivumelwano kunkundla yokuthutha edolobheni eliqondene elishowo kwisigaba 87 ukuze kube nezincomo, ngendlela enqunyiwe, ngaphambi kokulahla

isicelo.

(b) Lapho umkhandlu noma inkundla, eyaziwa ngokomthetho ngu MEC, ikhona ngohlobo lwezinhlizeko ezithintekayo inkundla yokuthutha yedolobha elikhulu kufanele balibone ngendlela enqunyiwe ngaphambi kokudlulisa izincomo zabo kubhodi.

(9)Ibhodi lingakhipha, ngokufaka isicelo ngendlela enqunyiwe futhi ngokukhokha imali enqunyiwe ilayisensi lokusebenza lesikhashana elingadluli izinsuku ezinqubo lapho isivumelwano sanikezwa kufake isicelo kumnyango kahulumeni kanye nelayisensi lokusebenza eliqondene elishiwo kusigaba 39 (1) alikakhishwa ngosuku lokuqala kwesivumelwano.

(10)Ibhodi kufanele likhiphe, ngokufaka isicelo kophethe invume noma ilayisensi lokusebenza ngendlela enqunyiwe futhi ngokukhokha imali enqunyiwe, isifaniso semvume noma ilayisensi lokusebenza, eliqunisekisiwe isikhulu sebhodi, ukuba sisetshenziswe ngoliphethe ngaphantsi kwesigaba 47 (b), lapho isicelo kungesokushintsha noma ukuguqulwa lokho sifakiwe nebhodi futhi sisa lindiwe.

Ukulalelwa kwesicelo selayisensi lokusebenza

39 (1) (a) Umfaki silinganiso sokubiza onikezwe isivumelwano uzovumeleka ukunikezwa ilayisensi lokusebenza layo yonke inqola ezosebenza izihlinzeko ezigunyazwe yisivumelwano futhi kufanele afake isicelo kubhodi ngendlela enqunyiwe salelo layisensi lokusebenza lesikhathi sesivumelwano.

(b) Akukho mali yesicelo ezokhokhwa maqondana nalesisicelo .

(2)Isikhulu sebhodi esikhethwe ngenhloso yi bhodi sinelungelo lokukhipha amalayisensi okusebenza ngaphansi kwengxenywe yesigaba

(1) , ngaphandle kwezihlinzeko eziphikisana nomakuphi kulomthetho.

(3) Ibhodi lingangalikhphi ilayisensi lokusebenza elisha noma liguqule ilayisenzi lokusebenza ukuze landise izinhlizeko, ezinikezwayo lapho, ngaphandle kokuthi izinhlelo zokuthutha eziqondene zibonisa isidingo sezinhlinzeko kulowomzila othintekayo ngokuya ngengxenywe yesigaba (5).

(4) Lapho uhlelo oluqondene lubonisa isidingo sokuhlinzeka okuceliwe, ibhodi kufanele linikeze isicelo, siye nangayiphi imibandela ebekiwe ngokohlelo, ngaphandle kokuthi linomcabango, maqondana nodaba oluhlelwe kuziqephu (a) kuya ku (d) zengxenywe yesigaba(7), sokuthi ofake isicelo noma inqola ayifanele noma ayiphilile kahle ukunikeza izinhlizeko.

(5) Lapho izinhlelo zingakenziwa noma ziqedwe, ibhodi kufanele libheke udaba oluhlelwe kuziqephu (a) kuya ku (3) sezingxenywe yesigaba (7) ekunqumeni noma lingakhipha noma lenqaba nesicelo.

(6) Lapho kutholwe izicelo zama layisensi okusebenza eziningi ukudlula ibhodi elingazikhipha ngokohlelo oluqondene, ukukhetha kuqala kufanele kunikezwe abafake izicelo zokuvuselela kwamalayisensi okusebenza abo, futhi uma uhlelo lungathatha izinhlizeko ezingeziwe ukukhathalela kufanele kunikezwe izindaba ezihlelwe kuziqephu (a) kuya ku (j) sezingxenywe zisigaba(7) ekuhlungeni izicelo.

(7) Ekunqumeni ukuthi sinikezwe noma sinqatshwe isicelo sokunikwa, ukuvuselela Kona ukuguqula ilayisensi lokusebenza ukuqhuba ukuhlinzeka okungenasivumelwano futhi ekutholeni imibandela okufanele ihambisane nelayisensi lokusebenza ibhod kufanele -.

(a) Libe nokukhathalela okukhulu ku futhi lenze ngokuvumelana nezidingo zesikhulu sokuthutha ngokuya ngezinhlelo zabo zokuthutha, uma okunye kunye nezincwadi zaso kulodaba, uma okunye, kanye.

(b) Kubhekwe -

(i) ukuthi uhlobo, unyaka, umenzi, isimo, umthamo nokwamukeleka kwenqola ehambisana nelayisensi lokusebenza ikufanele umsebenzi ezowenza.

(ii) noma, ngokuya ngokuthanda kwebhodi noma okubonakalisayo, njengoba kunqunywe, ofake isicelo unekhono lokunikeza izinhlizeki azifunela ilayisensi lokusebenza, ngendlela egculisayo kumphakathi.

(iii) zonke izikhala ezithunyelwe maqondana nesicelo.

(iv) ukulahlwa ngamacala enziwa ngapha aqondene nofake isicelo ngokuya ngokuthanda kwebhodi noma okubokalisayo njengoba kunqunywe..

(v) ubukhulu bebhizinisi elenziwe ngofaka isicelo, ukukhetha kuqala kunikezwa umsebenzi wamabhizinisi amancane.

(vi) iqiniso lokuthi ofake isicelo ubesethubeni elihle ngaphambilini, ukukhetha kuqala kunikezwa abantu ababengenamathuba ngaphambili.

(vii) inani lezimvume noma amalayisensi okusebenza anawo ofake isicelo, ukukhetha kuqala kunikwa labo abaphethe izimvumo ezincane noma abangenazo noma amalayisensi okusebenza.

(viii) ubude besikhathi lapho ophethe engunhlinzeki wemisebenzi ukukhetha kuqala kunikezwe kubaphathi ebaenikeza izihlinzeko isikhathi eside.

(ix) uma ibhodi linquma kanjalo ilayisensi elikho noma igunya elifanayo elikhishwe ngapha kwemithetho kamasipala egunyaza ukusetshenziswa kwe renki noma indawo noma isincomo esikomasipala ukuthi isikhala sokurenka sikhona, noma

(x) ezinye izinto lezo, ngokucabanga kwebhodi zingathintela ukudingeka ukunikezwa noma ukwenqatshwa kwesicelo

(8) Ibhodi akufanele libheke isicelo selayisensi lokusebenza esiphuma kumsebenzi wesikhulu sokuthutha, isikhulu esiphokelela imithetho noma ifomu eliphathelene nokubheka izinhlizeko zokuthutha ngomgwqo abagibeli bomphakathi bendawo.

(9) Ngaphandle kwezinye izihlinzeko zomthetho, izicelo zokufaka ezikhundleni inqola ehlukile enomthamo wokuhlala olinganayo noma ongaphansi ngokwe layisensi lokusebenza singanikezwa yisikhulu sebhodi, uma inqola uwuhlobo olungasetshenziswa kuznihlizeko ezishiweyo ngoko hlelo A, ngemuva-

(a) kokubheka noma inqola entsha izifanele izihlinzeko ezigunyazwa yilayisensi lokusebenza nokuthi isitifiketi sokulungelaumgwaqo esisemthethweni sikhishiwe sayo ngokwesigaba 5(4), kanye.

(b) nokuqiniseka ukuthi ofaka isicelo unikezane ngemininingwane enqunywe futhi lesisicelo akudingekile ukuthi sisakazwe ngaphansi kwesigaba 42.

(10)Ibhodi lingaqaba ukubheka isicelo sokukhishwa ,ukuvuselela, ukuguqula noma ukushintsha kwelayisensi lokusebenza uma labheka futhi lenqaba isicelo sangaphambili esatholwa phakathi kwezinyanga eziyisithupha ezandulela usuku okwatholwa ngalo isicelo sokuqala esishiwo ngokucabanga kweBhodi sinokufanayo noma izinhloso ezifanayo nesicelo esishiwo sokuqala.

(11)Ibhodi linga, ekunikezeni isicelo, beka imibandela engeke yashayisana nalomthetho kanye nomthetho kaZwelonke.

(40).(1) Abafaka izicelo zokuthutha okuxhuma izifunda kufanele bacele kubhodi uma izinhlizeko ziqala eGauteng, noma eGauteng kanye futhi nakwesinye isifunda.

(2) Ngenhloso yalesigaba izinhlizeko kuzokhethathwa ukuthi ziqala kundawo lapho abantu bagibela inqola ngenhloso yokuthi bahanjise kwenye indawo, futhi kuphele lapho.

(3)Uma kunokungabaza ukuthi kukuphi lapho izihlizeko eziqala khona, ofaka isicelo kufanele acele kusifunda lapho inqola leyo ibhaliswe khona.

(4)Ibhodi ingangakhiphi isicelo selayisensi lokusebenza eligunyaza izihlizeko eziqala kwesinye isifunda noma esokuvuselela noma ukushintsha ilayisensi lokusebenza, noma ukuguqula ilayisensi lokusebenza ukuqhuba izihlizeko kwesinye isifunda lingaphandle kwesivumelwano sesikhuzinye iipha amalayisensi okusebenza esisunguliwe saleso sifunda.

(5)Lapho ibhodi lingakhoni ukuthola izimpendulo ezifanele kusikhulu esikhipha amalayisensi okusebeza sesinye isifunda nkomba ekhonjise kwingxenywe yesigaba (4), noma alikwazi ukuthola isivumelwano sebhodi elinye ngesikhathi esinqunyewe ibhodi kufanele lithumele lodaba njengesikhalo kwinkundla yezikhalo zokuthutha esungulwe ngokomthetho wezinkundla zezikhalo sokuthutha ngendlela enqunyiwe ngokomthetho.

(6) Izikhalo eziqondene nezinhlizeko ezixhuma izifunda kufanele zenziwe kunkundla yezikhalo zokuthutha njengoba kudingeka ngokomthetho wezinkundla zezikhalo zokuthutha.

(7) Kuzinhlizeko ezixhuma izifunda, abagibeli akufanele bagitshezwe noma behliswe ngaphandle kwezindawo lapho kugitshelwa khona noma lapho bayakhona, ngaphandle kokuthi azikho ezinye izinhlizeko phakathi kwezindawo zokugitshezwa noma zalapho kuyiwa khona kanye nezindawo zokwehliswa noma zokugitshezwa noma, esikhundleni sezinhlizeko zohlobo-lwetekisi oluyikhumbi izinhlangano eziqondene amalunga wazo asebenza kumzila noma imizila avumile kokuseceleni.

Ukuthutha ngomgwaqo oweqa imingcele.

Ukuthutha ngomgwaqo oweqa imingcele⁴¹. Izicelo zokuthutha ngomgwaqo ukweqa imingcele zezinhlizeko zamazwe omhlaba kufanele zenziwe kukomiti elawulayo ngokomthetho wokuthutha ngomgwaqo oweqa imingcele, 1998 (umthetho namba 4 ka 1998) ngendlela enqunyiwe ngokomthetho.

42.(1)Ngokuya kwengxenywe yesigaba (2), ibhodi kufanele ngaphambi kokubheka isicelo sokunikezwa, ukuvuselela, ukuguqula noma ukushinsha ilayisensi lokusebenza, lenze isimemezelo kuGazethi kahulumeni kazwelonke futhi ngendlela enqunyiwe,

imininingwane leyo yesicelo njengoba kuzonqunywa kanye nokubekwa kwesaziso njengoba kuzonqanywa kanye nokubekwa kwesaziso ngalesisicelo kubhodi yezaziso kumahovisi alo isikhathi esinqunyiwe.

(2) Isicelo asidingekile ukuba simenyazelwe ngaphansi kwengxenywe yesigaba (1) lapho kuyisicelo –

(a) ukuguqula imininingwane yaleyonqola echachisiwe kulayisensi lokusebenza, noma.

(b) iyame kusivumelwano esitshengisiwe kusigaba 39 (1)

(3) Umuntu othandayo ofisa ukuletha isikhalo kubhodi ephikisana noma evumelene nesicelo esimemezeliwe ngaphantsi kwangxenywe yesigaba (1) kufanele enze njalo ngendlela futhi phakathi kwesikhathi esinqunyiwe, futhi ibhodi-

(a) kufanele livumele umuntu ozo, phakathi kwesikhathi esebekiwe, letha isikhalo sokuhlola ifomu lesicelo sokufaka

isicelo kanye nezinye izincwadi ezihambelanayo ehovisi lebhodi ekukhokhweni imali enqunyiwe, futhi. (b) linga, ngokunxusa kwalomuntu, nikeza kuye isifanekiso khonalapho sokukhokha imali enqunyiwe.

(4) Ibhodi lifanele kanjalo livumele ofake isicelo ahlole, ngaphandle kokukhokha, emahovisini alo, futhi lenze nezifanekiso (copies) ekukhokheni kwemali enqunyiwe, izikhalo eziphikisa noma ezivumelana nesicelo.

I sikhathi kanye nokuvuselelwa kwelayisensi lokusebenza.

43.(1) (A) amalayisensi okusebenza ezinqola ukubazenzwe umsebenzi ngokwesivumelwano kufanele sinikezwe ukungeqi isikhathi futhisiye ngokwesimo kanye nemibandela yesivumelwano.

(B) ekupheleni kwesivumelwano, amalayisensi okusebenza aqondene nalokho kufanele abuyiselwe kubhodi zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa.

(2) Lapho isivumelwano sephelile, kanye nesivumelwano esizongena endaweni yaso singakaqedwa noma amalungiselelo maqondananesivumelwano esisha angakapheli ukuze ophethe ilayisenzi aqale ngokuhlinzeka okuqoneme nesikhathi Ibhodi linga, ngokunxuswa yisikhulu sezivumelaniso, qhubekisa isikhathi esisemthethweni samalayisensi okusebenza aqondene, nesikhathi

esicelwe yisikhulu.

(3) Ngokuya kwesigaba 35(5), amalayisensi okusebenza ezinqola ukusebenza izihlinzelo ezingenasivumelwano kufanele ngezincomo zesikhulu sokuthutha, kube esesikhathi esingagudluki esingeqi kuminyaka emihlanu futhi kufanele sibe nokucabangela-

(a) Izinkambiso zamanje kanye nezihlosiwe ekudingekeni kumzila noma imizila noma indawo echaziwe.

(b) Ikhono lezinhlizeko ezihlosiwe ekuhlangabezani izidingo.

© Ukuba khona kwezivumelwano zezihlinzeka ezingathikabezwa umsebenzi ofakelwe isicelo.

(d) ngokungenzeka ukuthi ilayisenzi lokusebenza elifakelwe isicelo, lingayekwa ukudingeka ngokwezinhlelo zokuthutha eziqondene, futhi.

(e) Ngokungenzeka ukuthi umsebenzi ofakelwe isicelo, ungadluliselwa kusilinganiso sesibizo.

(4) Ukuvuselelwa kwelayisensi lokusebenza lezinhlizeko ezingenasivumelwano angeke linikezwe ngaphandle kokuthi isikhulu sokuthutha esiqondene sincome lokho kuvuselelwa, ngokwezinhlelo zokuthutha eziqondene ngokuya ngesigaba 39 (5).

Ukukhishwa kwelayisensi lokusebenza kanye nezinhlinzeko

44.(1) Ngokuya ngengxenye yisigaba(2) , ibhodi kufanele likhiphe, ngehlangano ephethe amalayisensi okusebenza ukuthutha futhi ngendlela enqunyiwe, ilayisensi lokusebenza elikhishiwe eliguquliwe noma elishintshiwe, elivuselelwe, eliguquliwe noma elishitshiwe yilona ngokwalomthetho okufanele likhishwe, noma kunesicelo esisha selayisensi lokusebenza, lenqola ecacisiwe kufona lesicelo.

(2) Ibhodi akufanele likhiphe ilayisensi lokusebenza ngaphandle.

(a) isitifiketi sokulungelwa umgwaqo esikhishelwe inqola eqondene ngosuku noma ngemuva kosuku okubekwe ngendlela enqunyiwe sinikezelwe kulo, ngokwesigaba 5 (4), futhi.

(b) Oliphethe usinikezile isiqiniseko esigculisa ibhodi ukuthi oliphethe ubhalise njengomkhokhi wentela ngaphantsi kumthetho wokuqoqa intela noma ngokwalo mthetho, akadingekile ukuba abhalise kanjalo.

(3) Amalayisensi okusebenza kufanele acacise

(a) Igama kanye nenombolo kamazisi yoliphethe noma inombolo yokubhaliswa kwenqola esikhundleni senkampani ibhazisini elisemthethweni, inkampani ebekiwe noma inhlango efanayo.

(b) Inombolo ebhaliswe ngayo, uhlobo, inombolo yokuhlunga inqola, unyaka enziwe ngoyo, inhlobo kanye nomthamo lwabagibeli benqola eyanikezwa ilayisensi lokusebenza.

© Izinhlobo zezinhlizeko eyanikezelwa zona .Isikhathi esanikezwa sona.

(e) Esikhundleni selayisensi lokusebenza elanikezwa inqola ukuba inqola isebenze ngaphantsi kwesivumelwano:-

(i) uhlobo lwesivumelwano.

(ii) inombolo emaqondana nesivumelwano (reference number)

(iii) amagama kanye namakheli abathintekayo kusivumelwano.

(f) Esikhundleni selayisensi lokusebenza elikhishwelwe inqola ukuba isebenze izihlinzeko ezihleliwe-

(i) izindawo, phakathi kanye nengcazelo ephelele yomzila noma imizila noma indawo echaziwe eyanikezelwe yona ngokuchaza kahle amagama ezitaladi, izinombolo zomgwaqo, izikhokwane noma izimpawu zomhlaba zalelo phethelo edolobha, dolobhana, dolobha, muzinoma indawo yokuhlala ngayinye.

(ii) uhlelo lwezikhathi oluqondene,

(g) Esikhundleni selayisensi lokusebenza elikhishelwe inqola ukusebenza

(i) izindaba phakathi kanye nengcazelo ephelele yomzila noma imizila indawo echaziwe eyanikezelwa yona ngokuchaza kahle amagama ezitalati, izinombolo zomgwaqo, izikhonkwane noma izimpawu zomhlaba zalelo phethelo ledolobhana, dolobha umuzi noma indawo yokuhlala ngayinye.

(ii) indawo egunyaziwe yokugibeza kanye neyokwehlisa lapho kwenzeka.

(h) Eminye imibandela ibhodi eliyibekayo ngaphantsi kwesigaba 39 (11), kanye.

(i) neninye imininingwane enqunyiwe.

(4) Onke amalayisensi okusebenza akhishiwe yibhodi kufanele asayindwe ngumgcinisihlalo walo noma ngumuntu ekhethiwe ngokubhaliwe ngusihlalo.

(5) Ilayisensi lokusebenza alifanele ukuqashiswa ngaphandle lapho inqola isetshenziswa ngaphansi kokuvumelwano nonesivumelwano ngokwezinhlizeko zesivumelwana esingaxhasiwe noma inhlinzeko yesivumelwano esixhasiwe.

Ukugcinwa kwemininingwane yamalayisensi okusebenza

45. Ibhodi kufanele ligcine endaweni yalo yokusebenza ilayisensi lokusebenza ngalinye elifana nelokuqala elakhishwa yilona futhi nezinguquko lapho, futhi kufanele lifake imininingwane enqunyiwe lapho kayo neyophethe ilayisensi lokusebenza kanye nezinqola eziqondene kuhlelo lolwazi lwekhomputa olunqunyiwe.

Ukungeniswa okwesikhashana kwenqola ehambelana ne layisensi lokusebenza noma imvume.

46.(1) Lapho inqola isebenza ngaphantsi kwelayisensi lokusebenza noma imvume isingalungile noma ayisetshenziswa okwesikhashana ngoba ishayisiwe, ibhodi noma ilunga layo elikhethwe ngusihlelo anganikeze imvumo ebhalwe phantsi ukuthi enye inqola ukuba isetshenziswe esikhundleni sayo ngokuya ngezingxenyane zezigaba (2) kanye no (3).

(2) Umthamo wabagibeli engena esikhundleni senye kufanele ubekusigaba ukuthi ungasetshenziswa kumsebenzi okukhulunywa ngawo ngokohlelo A.

(3) Inqola engenele enye ingasetshenziswa isikhathi esingeguqulwi esingadluli izinsuku ezingu 42 njengoba ibhodi noma ilungu linqumile, lesosikhathi singandiswa ngokuthanda kwebhodi uma kucelwa futhi.

(4) Inqola engenela enye kufanele, phakathi kwesikhathi sekungenela, ithathwe njengenqola okwakhushelwa yona ilayisensi lokusebenza noma imvume.

Imisebenzi yophethe ilayisensi lokusebenza noma imvume.

47. Ophethe imvume noma ilayisensi lokusebenza kufanele –

(a), asebenze izinhlizeko ezigunyazwe yimvume noma ilayisensi lokusebenza ngokwemibandela yalo kanye nezinhlelo zokuthutha

(b) aphaathe elokuqala noma nesifaniso semvume noma ilayisensi lokusebenza lokuqala noma imvumo ebhaliwe ekhoniwe kusigaba 46

(1), noma isifaniso esicabangelwe kusigaba 38 (10), kanye nesitifiketi sokubhalisa soliphethe esikhishwe ngaphantsi kwesigaba (66) enqoleni futhi azikhiphe umazifuneka kusikhulu esigunyaziwe kodwa ibhodi lingabonisa ngokubhaliwe ukuthi izichibiyelo kumvume noma ilayisensi lokusebenza akumele zigciniwe enqoleni lapho seziyinqwaba khona

© gcina imvume noma ilayisensi lokusebenza kanye nezifaniso zokuqala zazo kusimo leso sokuthi izinhlamvu kanye nezinombolo kuzo kubonakala kahle futhi, uma imvume noma ilayisensi lokusebenza limoshekile noma lingasabonakali kahle, faka isicelo sesifaniso ngendlela enqunyiwe,

(d) Enze igama, ikheli kanye nohlobo lwebhizinisi lophethe ilayisensi ukuthi libekwe enqoleni ehambelana nemvume noma ilayisensi lokusebenza, endaweni egqamile, ngendlela enqunyiwe noma njengenye indlela ibhodi elingayivuma ngokubhaliwe kusimo esithile.

(e) ubonise eminye imininingwane enqunye yibhodi.

(f) namathisela futhi ugcine unamathisele ngendlela enqunyiwe enqoleni, zonke izimpawu ezibonakalisayo ezikhishwe ngokwalomthetho.

(g) faka isicelo zingakadluli izinsuku ezingu 30 ngaphantsi kokuphela kwemvume noma ilayisensi lokusebenza ukuba livuselelwe kanjalo, endaweni yelayisensi lokusebenza, umakunjalo, uma efisa ukuselela noma ukuliguqula.

(h). qiniseka ukuthi yonke imininingwane equkethwe kumvume noma ilayisensi lokusebenza igcinwa iphelele ngezindlela ezifanele zokuguqula.

(i) buyisela kubhodi phakathi kwezinsuku ezingu 14 imvume noma ilayisensi lokusebenza elisulilwe noma elihoxisiwe noma eliphelelwe yisikhathi.

(j) Esikhundleni sokuhlinzeka ibanga elide, gcina enqoleni eqondene uhlu lwamagama abagibeli uma kuthuthwa abagibeli, ngendlela kanye nefomu njengoba kunqunyiwe.

Igunya elihanjiswa yilayisensi lokusebenza

48. Ilayisensi lokusebenza elikhishwe ngaphantsi kwalo mthetho –

(a) Alingeke ligunyazwa oliphethe ukuba athathe ukuthutha kumgwaqo womphakathi kwindawo enamandla esikhundla sikamasipala, uma kungekho emthethweni ukwenza kanjalo ngaphantsi komthetho, isimiso noma umthetho kamasipala walowo masipala.

(b) Alingeke lishiye ngaphandle oliphethe kusibopho sokuhambisana nezidingo ezibekwe ngaphantsi komthetho, ilayisenzi noma imvume ekhishwe ngesinye isikhulu.

Umhoxiswa, ukumiswa noma ukuguqulwa kwelayisensi lokusebenza.

49. (1) Lapho ilayisensi lokusebenza linikezwe kusisekelo sesivumelwano, isikhulu sezivumelwano kufanele sinxuse ibhodi lihoxise ilayisensi lokusebenza lapho isivumelwano siphelile noma ngasiphi isizathu.

(2). Ngokwengxenywe yisigaba (3) -lapho ilayisensi lokusebenza linganikeziwe kusisekelo sesivumelwano, ibhodi inga noma ngasiphi isikhathi sokuhoxisa, misa noma guqula ilayisensi lokusebenza ngalesosikhathi elingakubona kufanele , uma---

(a) Ophethe ilayisensi lokusebenza noma isisebenzi siliphe watholwa enceda ngaphantsi kwalomthetho ngaphantsi komthetho ophathelene nezinqola, izimiso zendlela, ukuphepha emsebenzini noma ukuxhumana kwezisebenzi

(b) Kumcabango webhodi, ophethe ilayisensi lokusebenza akaqhubanga imibandela yelayisensi lokusebenza.

© Ophethe ilayisensi lokusebenza uhlulekile ukuqalisa ukuhlinzeka okugunyazwe yilayisensi lokusebenza noma ingxenywe yiphi lapho phakathi kwezinsuku ezingu 90 likhishiwe ilayisensi lokusebenza, noma.

(d) Ophethe ilayisensi, lokusebenza usemisile ukuhlinzeka ngomsebenzi noma yiphi ingxenywe yalapho izinsuku ezingu 180 zilandelana.

(3) Ibhodi alifanele ngaphantsi kwangxenywe yesigaba (1) noma (2) ukuhoxisa noma ukumisa ilayisensi lokusebenza ngaphandle- . .

(a) Okungenani izinsuku ezingu21 isaziso esibhaliwe ngenhloso yalo ukwenze njalo, ngezizathu, ezinikeziwe koliphethe ngeposi elibhalisiwe noma ngeposi eloqinisekisiwe.

(b) Oliphethe ulinikeziwe ithuba, noma yena mathupha noma ngommeli, lokuvela ngaphambi kwebhodi anikeze ubufakazi maqondana nalesenzo esihlosiwe.

© Isikhulu sokuthutha , noma lapho isikhulu sokuthutha singakhethiwe, umasipala oqondene unikeziwe ithuba lokuthula ubufakazi futhi enze amalungiselelo amanye. Ukusulwa kwamalayisensi okusebenza angazange asebenze

Ukusulwa kwamalayisensi okusebenza angazange asebenze

50. (1) Lapha kuvela ekuboneni yiBhodi ukuthi ilayisensi lokusebenza elisha alikaze lisetshenziswa, eliguquliwe kusuka kumvume noma ilayisensi ngekuzinsuku ezingu 90 ngemuva kokuthi likhishiwe, iBhodi kufanele , ngesaziso esibhaliwe, libize oliphethe ukuba alethe izizathu, ezizogculisa iBhodi futhi phakathi kwesikathi esibekiwe kusaziso ukuthi:

(a) kungani engakaqalisi ukusebenza izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi lowo ohambelana nelayisensi lokusebenza , futhi

(b) kungani iBhodi lingasuli ilayisensi lokusebenza.

(2) Lapho iBhodi ligculisekile ngezizathu ezithuliwe, ophethe ilayisensi lokusebenza kufanele anikezwe futhi isikhathi esichaziwe yiBhodi kodwa kungadluli izinsuku ezingama 30, ukuqalisa ngokuhlizeka ngalowomsebenzi, futhi noliphethe kufanele aziswe ngokubhaliwe ngokunjalo.

(3) Uma lingaculisekile, noma lapho oliphethe ehlulekile ukuthula izizathu phakathi kwesikhathi esivumelekile kanjalo ngesaziso, ibhodi kufanele lesule ilayisensi lokusebenza futhi ngokubhaliwe lazise oliphethe ngokunjalo futhi liyalele oliphethe alethe leyo layisensi lokusebenza kubhodi kanye nezimpawu ezibonakalisayo maqondana nalokho, phakathi kwezinsuku eziyisikhombisa ngemuva kosuku lesaziso.

51. Lapho ibhodi ligculisekile ukuthi:-

(a) Isikhulu sokuthutha ngohlelo lwaso siqcume ukuthi kunokunikezwa okweqile kuzinhlizeko kumzila othile, noma imizila noma ukuxubana.

(b) Isikhulu sokuthutha sixoxisene nophethe ilayisensi osebenza kumzila, imizila noma ekuxhumaneni, ngokubonisana kanye nezinkundla zokuthutha eziqondene, ngenhloso yokuthola ukuhoxiswa kwamalayisensi okusebenza eqile, iBhodi kufanele lihoxise imvume oqondene noma imvume yelayisensi lokusebenza ngokwesigaba 51 somthetho kaZwelonke, uma sekufinyelelwe esivumelwaneni nophethe ilayisensi ukuthi bangxephezele oliphethe ngoku lahlekelwa yinzuzo yomnotho ngendlela engakhethi neqondakalayo ebhalwe ngokuhambelana nomhlahlandlela onqunye ngokwesigaba 51(4) somthetho kaZwelonke.

Izingunyazo ezingahleliwe

52. (1) Akekho noyedwa ofanele ukuthatha izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi maqondana nesehlakalo esiqondene, njengomcintiswano wezemidlalo isifo noma umshado ngaphandle kokugunyazwa isigunyazo esingahleliwe esikhishwe futhi sagcwaliswa ngaphansi kwalesigaba.

(2) Inqunye yesigaba (1) angeke isebenze lapho-

(a) ukuhlizeka kokuqasha kuzokwenzeka ngokwelayisensi lokusebenza elifanele noma imvume, noma

(b) umhlinzeki uzonikezana ngomsebenzi ngokwelayisensi lokusebenza noma imvume esivele igunyaza ukuthutha okuqondene kumzila noma kundawo leyo.

(2) ophethe angafaka isicelo kuBhodi ukukhishelwa, ekukhokheni kwemali enqunyiwe izigunyazo ezingahleliwe ezilandelanayo.

(3) Ibhodi kufanele libhale izinombolo ngokulandelelana izigunyazo ezingahleliwe ezikhishwe yilona futhi ligcine uhla lwezigunyazo kanye negama lomphathi ezenikezwe yena.

- (4) Ngaphansi kokuqalisa izinhlizeko eziboniswe kweyesigaba(1), umphathi oqondene kufanele agcwalise isigunyazo esingahleliwe sohambo lolo ngendlela enqunyiwe futhi kufanele agcine isigunyazo kunqola eqondene ngazononke izikhathi lapho kuthathwa ukuhlinzeka asikhiphe uma sidingeka yisikhulu esigunyaziwe.
- (5) Masishane, kodwa angakapheli amahora angu72~~000~~ kokuqeda izinhlizeko lezo, umphathi kufanele athumele ikhophi egcwalisiwe yesigunyazo esingahleliwe kuBhodi kanti kuzinhlizeko zohlobo lwetekisi oluyikhumbi, kanye nakunhlangano, engaphansi kwayo, uma Umphathi eyilunga lenhlangano, kanye nenhlangano ebhalisiwe eqondene esebenza kumzila noma ekuxhumaneni lokho.
- (6) Ibhodi lingavimbela umphathi ojwayele ukuthahlinzeka zokuthutha zesikhashana ngaphandle kokugcwalisa izigunyazo ezifanele, noma ojwayele ukusebenzisa dedengu izigunyazo ezingahleliwe.
- (8) Izigunyazo ezingahleliwe kufanele zibe kufomu elinqunyiwe.
- (9) Izigunyazo ezingahleliwe zingasetshenziswa kuphela ukuthutha abagibeli kuzehlakalo ezenzeka kanye futhi, uma zisasetshenziswa-
- (a) abagibeli akufanele bagitshezwe noma behliswe ngomgwaqo.
 - (b) . umphathi kufanele abuye kuhambo olungahleliwe nalabo bagibeli

©Umphathi akufanele athathe izinhlizeko zohlobo lwetekisi oluyikhumbi ngaphakathi ngesikhathi elinde abagibeli.

Ilayisensi lokusebenza lesimo esingavamile

53. (1) Lapho u MEC enze ngaphansi kwisigaba 93 (2) ukuvala imizila, umec angayalela ibhodi limeme izicelo zamalaysensi okusebenza isimo ezingavamile ukusebenza ukuhlinzeka imisebenzi kuleyomizila.
- (2) Izicelo ngaphantsi kwengxenywe yesigaba (1) kufanele zenziwe ngendlela enqunyiwe futhi ekukhokheni imali enqunyiwe.
- (3) Ibhodi kufanele libheke isicelo esenziwe ngaphantsi kwengxenywe yesigaba (1) futhi linze ngokuthanda kwalo nikeza isicelo ngokuphelele noma ngengxenywe kunoma luphi uhlobo ngokwale mibandela ibhodi elingayibeka, noma lenqabe isicelo.
- (4) Ilayisensi lokusebenza kusimo esingavamile kufanele likhishwe isikhathi esingaguquki esingadluli izinsuku ezingu 21.
- (5) Ibhodi linganikeza amandla ngaphantsi kwesigaba kulunga noma isikhulu sebhodi.

Ukukhuphuka kwezinye izimali ngaphambi kwesicelo sokuguqula imvume noma ilayisensi lokusebenza eliqondene.

54. Lapho imvume noma ilayisensi lokusebenza ligunyaza okokuthutha ngomvuzo likhomba ukuthi umphathi kufanele abambisane nombandela wokuthi okokuthutha kufanele kuthathwe ngemali evunywe noma ebekwe yibhodi, ukuthi umphathi aze nomangasiphi isikhathi ngemuva kokukhuphuka ngemali yephethroli kuriphabliki, kuphula imali ngokungekho, kodwa kungadluli omaphesenti ayilo, uma ngaphakathi

kwezinsuku eziyishumi ngemva lokuqala kwemali ekhushuliwe, umphathi ucela kubhodi ukuguquka okufanele kwemvume eqondene noma ilayisensi, lokusebenza ngaphantsi kwalomthetho.

ISIGABA 7: IBHODI LEZIKHALO LABAGIBELI BOMPHAKATHI EGAUTENG.

Ukusungulwa, isakhiwe kanye nemisebenzi yebhodi lezikhalo labagibeli bomphakathi eGauteng.

55. (1) Igama lekhomishane lokuthutha lesifuna elasungulwa yisigaba 27 somthetho wesikhashana wezinhlizeko zohlobo-lwamatekisi angamakhumbi eGauteng, ushinshelwa ku bhodi lezikhalo labagibeli bomphakathi eGauteng futhi lithathwe njengenhlango yezikhalo yokuthutha kusifunda elikhonjiswe kusigaba 128 (1) somthetho kazwelonke.

(2) Ibhodi lezikhalo libunjwe ngusihlalo kanye okungenani elinye ilunga elilodwa eliqokwe ngumec-

- (a) okungenani oyedwa wabo unespiliyoni esifanele ukusebenza njengommeli wamajaji noma ummeli.
- (b) (b) omunye noma abanye kufanele babe nesipiliyoni esiningi sokubonisa ikhono ekuthutheni abagibeli bomphakathi.

(3) Amalunga alekhomishani aqokwe ngaphambi kokuqala kwalomthetho azakuqhubeka ehovisi njengamalunga ebhodi lezikhalo kufikela ukuphela kwesikhathi sokuqokwa kwabo ngaphandle kokuthi umec aqede ukuqokwakwabo ngaphambili.

(4) (a) Ngaphambi kokuqoka amalunga ebhodi lezikhalo u MEC kufanele asakaze isaziso sokuhlosa ukwenza njalo futhi ameme izicelo zobulunga, kunoma okungenani iphephandaba elilodwa elijikelezayo esifundeni, ngesingisi kanye okungenani ulimi olusemthethweni olulodwa okukhulunywa ngabaningi kusifunda.

(b) Ngaphambi kokuqoka nomaliphi ilunga, uMEC kufanele asakaze ngendlela efanayo, amagama abantu yena

abaphakamisayo ukubaqoka kubhodi lezikhalo futhi ameme ukuthasisela kanye nezikhalo kulokho.

© uMEC kufanele abukisise kahle noma ziphi izithasiselo kanye nezikhalo ezitholiwe.

(5) Akukho noyedwa okufanele aqokwe njengelunga lebhodi yezikhalo uma yena :-

- (a) noma aganene naye noma umhlanganyeli, ilunga lomndeni eliseduze, abancike kuye, ahlangene naye kubhizinisi noma umqhashi enesandla ngokwezimali kubhizinisi lokuthutha abagibeli bomphakathi noma ilunga elikhethiwe elinesikhundla kunhlangano, noma ungene kunomawuphi

umsebenzi ngokomcabango ka mec, uzokhubaza nokwenza umsebenzi wehovisi lakhe ngendlela engachemile.

- (a) Ungaphantsi kwesimo sokukhubazeka ngokomthetho.
- (b) Engasenakuhlengeka ezikweletini.
- (c) Wake watholwa enecala, eliphathelene nokunga thembeki noma uyewasuswa ehovisi lomphakathi ngenxa yokungaziphathi kahle.

(6) Nxashana kubhekwa ukuqokwa kwanoma muphi umuntu njengelunga lebhodi lezikhalo, lowo muntu kufanele adalule ku MEC, ngokubhaliwe, nomakuphi ukuthatheka anakho noma angaba nakho

kunoma yiphi ingxenye yohwebo lokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, kanti ukuhluleka ukwenze njalo kuzokwenza, icala.

(7) Usihlalo webhodi lizikhalo kufanele aqokwe isikhathi esingadluli iminyaka emithathu, kanti amanye amalunga ebhodi isikhathi esingadluli iminyaka emabili futhi ngokuya ngezinhlizeko zalomthetho, ukubamba ihovisi kumibandela kanye nokunye okuzonqunywa ngu mec uma beqokwa.

(8) Nxa ihovisi likasihlalo noma ilunga lebhodi lezikhalo lizokuba noma lingenamuntu u mec kufanele ngokuvumelana nalomthetho, athathe, izinyathelo ezisheshayo zokugcwalisa isikhala ngokuqoka umuntu ophilile futhi ofanele ongenaso isici sokungawufanele okubikwe kungxenye yesigaba (5).

(9) Umuntu isikhathi sakhe sehovisi njengelunga lebhodi lezikhalo siphelile, uzakuba nelungelo lokuqokwa futhi.

(10) Inhloko yomnyango kufanele, ngokuya ngemithetho elawula izisebenzi zomphakathi, inikezane ngezisebenzi ukunceda ibhodi lezikhalo ekwenzeni imisebenzi yalo.

(11) Imisebenzi yebhodi lezikhalo kuzakuba ukulalela izikhalo ezihambelana nezicelo zokuthutha phakathi nesifunda ukusula, ukushiya kwekanye nokususwa ehovisi kwamalunga ebhodi lezikhalo.

56. (1) Ilunga lebhodi lezikhalo lingasula ngesaziso sezinyanga ezimbili ku MEC

(2) uMEC angasusa ehovisi ilunga lebhodi lizikhalo-

a. ohlulekile ukuhambisana nombandela wokuqokwa kwakhe.

b. obenecala lokungaziphathi kahle noma ongasanaki njalo imisebenzi yakhe njengelunga lebhodi noma ohlulekile ukwenza leyomisebenzi ngokuqotho futhi ngokungachemile,

© ongakwazi ukwenza ngokunekhono imisebenzi yakhe njengelunga lebhodi,

(d) ohlulekile ukubungaza imihlangano emithathu yebhodi ilandelana ngaphandle kwesizathu ezizwakalayo.

(3) Ilunga lebhodi kufanele lishiye ihovisi lalo uma ilunga:-

(a) liba ngaphantsi kwezici zokungafanele ukuqokwa okushiwo kusigaba 55(5),

(b) lisuswa ehovisi ngaphantsi kwengxenye yesigaba (2)

Amandla ebhodi lezikhalo

57. (1) Ngaphandle kwamanye amandle anikezwe yilomthetho, ibhodi lezikhalo liya ngenhloso yokusebenza ngodaba oluphambi kwalo ngokwalomthetho-

(a) ngokuthanda kwalo lingavumela umuntu othintekile noma onentshiseko kudaba, noma umeli ogunyazwe

ngokuphelele walowomuntu, ukuba avele phambi kwalo futhi (i) ezothula ubufakazi noma unze ubufakazi obungabhaliwe obuqondene nesikhalo, noma (ii) abize ofakaze futhi aqhube nobufakazi okukhulunywa ngabo obuqondene nesikhalo, noma.

(b) ngesaziso esibhaliwe njengoba kunqunywe futhi sadluliswa ngendlela enqunywe, esidinga umuntu avele

phambi kwalo azothula ubafakazi noma azoletha incwadi, uhlelo noma elinye iphepha noma impahla ekuye noma ngaphantsi kwakhe,

© libize umuntu okhona endaweni lapho ibhodi lezikhalo liphethene nodaba, ukuba avele phambi kwalo ayothola ubufakazi noma azoletha incwadi, uhlelo noma elinye iphepha noma impahla leyo umuntu anayo kuye,

(d) buza umuntu ovele phambi kwalo njengofakazi.

(e) nqaba ukulalela umuntu ovela phambi kwalo njengofakazi, onqabayayo ukufungiswa noma ukuvuma.

(2) Umuntu ophethe umhlangano webhodi lezikhalo lapho umuntu evele khona njengofakazi njengoba kulayelwe kungxenywe yesigaba (1) angaphatha isifungo noma ukuvunyiswa komuntu ovelayo kanjalo.

(3) Bhodi lezikhalo kufanele linikeze abantu abanentshiseko uma benxusangezizathu ezibhaliwe phantsi ngesinqumo esilithathile.

Imihlangano kanye nezinqumo zebhodi lezikhalo.

58. (1) Imihlangano yebhodi kufanele ihlale ngokuya kwezinqubo ezinqunyiwe futhi ngezikhathi kanye nezindawo ezinqunyiwe.

(2) Usihlalo kanye okungenani elinye ilunga elilodwa bazokwenza ikhoramu yemihlangano yebhodi.

(3) Uma usihlalo webhodi angakhoni ukubungaza umhlangano webhodi, usihlalo angakhetha elinye ilunga lebhodi lisebenze njengosihlalo kuloyo mhlango.

(4) Isinqumo samalunga amaningi ebhodi lezikhalo akhona emhlanganweni sizakwenza isinqumo sebhodi ngokuya ngalezo zinqubo futhi lapho kunenani elilinganayo lamavoti, umuntu ongamele umhlangano unevoti lokuphoswa ekungezeni kuvoti lakhe lokukhukuma.

(5) Akukho senzo, silayelo noma isinquma sebhodi lezikhalo esingathathwa njengesingekho emthethweni ngesizathu seqiniso sokuthi, uma isenzo senziwe noma isilayezo noma isinqumo sinikezwa, isikhala sesikhona kubhodi noma umuntu owayeyilunga lebhodi wayekiswa emsebenzini ngaphantsi kwesigaba 55(5) ekubeni yilunga, nokuba noma qha lokokwenza kwalowomuntu kwakudingeka ekwenzini besebenza kwalowomuntu kwakudingeka ekwenzini lesosenzo noma ekunikezeni lesosilayelo noma isinqumo.

(6) Bhodi lezikhalo kufanele limamele izikhalo phakathi kwezinsuku ezingu 60 ekutholeni isaziso sesikhalo futhi lidlulise nezinqumo khona lapho kubo bonke abaqondene phakathi kwesikhathi esinqunyiwe.

Isikhalo kubhodi lezikhalo ngokungahambisani nesinqumo sebhodi noma umbhali.

59.(1) Ngaphandle kwa njengoba kunikeziwe kulomthetho futhi ngokuya ngengxenywe yesigaba (2) umuntu o -

(a) fake isicelo kubhodi sokunikezwa, ukuvuselela, ukuguqula noma ukushintsha imvume yakhe noma ilayisensi lokusebenza noma imvume yakhe noma ilayisensi lokusebenza lihoxisiwe, liguquliwe noma limisiwe yibhodi.

(b) ungumphathi wemvume noma ilayisensi lokusebenza elakhishwa yibhodi.

© ngendlela futhi phakathi kwesikhathi esinqunyiwe, wadlulisa izikhalo kubhodi, noma.

(d) wafaka isicelo kumbhali sokubhalisa ngaphantsi kwalomthetho, noma ubebhekene nophenyo oluqhutshwe ngumbhali:

futhi uthintekile yisinqumo sebhodi noma sombhali, anga ngendlela, futhi phakathi kwesikhathi esinqunyiwe, faka isikhalo kubhodi lezikhalo,

(2) Lapho ibhodi lazisa umuntu ngokubhalwa phantsi ngesinqumo esikhonjisiwe kungxenye yesigaba (1), usuku lwasesosaziso esibhaliwe lizothathwe njengosuku okwanikezwa ngalo isinqumo luzothathwa njengosuke okwanikezwa ngalo isinqumo.

(3) Ibhodi lezikhalo kufanele libheke isikhalo esifakwa nalo ngendlela futhi liza, ngokuthanda kwalo:-

(a) chitha isikhalo futhi livume isinqumo, noma.

(b) Misa isikhalo, libekele ecaleni isinqumo, futhi.

(i) guqula isinqumo sebhodi ngesinye isinqumo, noma.

(ii) lingabuyisela udaba kubhodi ukuthi luyobhekwa futhi, noma.

© Misa isikhalo ngenxenye futhi liguqule nesinqumo.

(4) Ibhodi lezikhalo linganika noma lenqabe nesicelo sokumiswa lokusebenza kwesinqumo sebhodi noma umbhali okukhalwe ngaso kanti lesisicelo kufanele senziwe ngendlela enqunyiwe futhi phakathi kwesikhathi esinqunyiwe.

ISIGABA 8: UMBHALI WOKUTHUTHA EGAUTENG KANYE NOKUBHALISWA KWEZINHLANGANO KANYE NABAHLINZEKI

Ukuqokwa kombhali wokuthutha e Gauteng kanye nesigungu sabasizi.

60 . (1) Umbhali wesifunda oqokwe ngaphantsi kwesigaba 4 somthetho wesikhashana wezihlinzeko lohlobo- lwetekisi oyikhumbi e Gauteng uthathwa ukuthi ungumbhali wokuthutha eGauteng, ungumbhali okhonjwe kusigaba b3 (1) somthetho ka Zwelonke.

(2) UMEC angaqoka isigungu sabasizi esibunjwe ngenani lalabasizi elinqunywe ngu mec, ukuxwayisa nokunceda umbhali ngemisebenzi yombhali, okuzoba ngabantu abanesipilijoni esiningi futhi ababonke ikhono ekuthutheni abagibeli bomphakathi.

(3) Abasizi abaqokwe ngaphambi kokuqala kwalomthetho ngokwesigaba 9 somthetho wesikhashana wokuhlinzeka ngohlobo- lwamatekisi angamakhumbi eGauteng bazakuqhubeka ehovisi njengabasizi ukuze isikhathi sokuqokwa kwabo siphele ngaphandle kokuthi u MEC aqede ukuqokwa kwabo ngaphambili.

(4)(a) Ngaphambi kokuqoka umbhali umsizi, u MEC kufanele basakaze isaziso senhloso yokwenza lokho, futhi bameme izicelo zobulunga, okungenani kuphephandaba elilodwa elijikelezayo esifundeni,

ngesiNgisi futhi okungenani nolunye ulimi olulodwa oluse mthethweni okukhulunywa ngabaningi kusifunda.

(b) Ngaphambi lokuqoka umbhali noma omunye umsizi u MEC kufanele askaze, ngendlela efanayo. Amagama

abantu aphakamisa ukubaqoka futhi amane nezithasiselo kanye nezikhalo kulokho.

© u MEC kufanele abukisise kahle nasiphi isithasiselo kanye nezikhalo ezitholiwe.

(5) Akukho noyedwa umuntu ongaqokwa njengombhali noma umsizi uma:-

(a) aganene naye noma ahlangele naye emshadweni, umndeni oseduze, abancike kuye, abahlanganyele ibhizinisi noma umqhashi, onentshiseko zezimali kubhizinisi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli, bomphakathi noma uyilunga elikhethiwe elinesikhundla kunhlangano noma ubambe iqhaza ezintweni, ngokucabanga kuka MEC, zizakuthikameza ukwenza imisebenzi yehovisi lakhe ngendlela engachemile.

(b) ungaphantsi kokukhubazeka ngokomthetho.

© Ongenakuncedeka ezikweletini.

(d) watholwa enecala eliphathelene nokungathembeki noma wasuswa ehovisini lomphakathi ngenxa yokungaziphathi kahle.

(6) Nxa ukuqokwa komuntu njengombhali noma umsizi kubhekwa, lowomuntu kufanele adalule ku MEC, ngokubhaliwe, noma yiphi ingxenye yohwebo lokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, futhi ukuhuleka ukwenza kanjalo kuzoba yicala.

(7) Umbhali kanye nabasizi kufanele baqokwe isikhathi esingadluli iminyaka emithathu futhi ngokuya kwezinhlizeko zalomthetho, abambe ihovisi ngemibandela yokukhokhelwa kanye nokunjalo njengoba u MEC azonquma uma beqokwa.

(8) Uma ihovisi lombhali liba noma lizoba ngenamuntu, u MEC kufanele aqoke umbhali omusha oyi noma owayeyijaji noma umantshi, noma ummeli okewasebenza njengalokho okungenani. Iminyaka emihlanu, noma ngokucabanga kuka MEC, onesizinda esilinganayo somthetho noma isipiliyoni, ukwenza imisebenzi enikezwe umbhali ngaphantsi lwalomthetho.

(9) Nxa ihovisi lomsizi liba noma lizoba lingenamuntu u MEC kufanele aqoke umsizi omusha ozoba ngumuntu onesipiliyoni esiningi futhi abonisa ikhomo ekuthutheni ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.

(10) Umuntu isikhathi sakhe njengombhali noma umsizi siphelile, unelungelo lokuqokwa futhi.

(11) Inhloko yomnyango kufanele, ngokuya ngemithetho engamele izinhlizeko zomphakathi, anikeze ngezisebenzi, ezidingekayo ukuncedisa umbhali ekwenzeni imisebenzi yakhe.

Ukusula, ukushiya noma ukususwa ehovisi kombhali noma abasizi.

61.(1) Umbhali noma umsizi angasula ngesaziso esibhaliwe sezinyanga ezimbili ku MEC.

(2) u MEC angasusa ehovisi umbhali noma umsizi:-

(a) ohlulekile ukuhambisana nombandela wokuqokwa kwakhe

(b) owethweswa icala lokungaziphathi kahle noma ubenganaki njalo imisebenzi yakhe noma uhlulekile ukwenza leyo misebenzi ngobuqotho futhi ngokungachemile.

(c) ongakwazi ukwenza ngokunekhono imisebenzi yakhe.

(d) endaweni yomsizi, uhlulekile ukubungaza imihlangano emithathu ilandelana yabasizi ngaphandle kwesizathu esizwakalayo.

(3) Umbhali noma umsizi kufanele ashiye ihovisi lakhe uma:-

(a) eba ngaphansi kokutholakala enesici sokungakufaneli ukuqokwa okushiwo kusigaba 60 (5)

(b) ususwe ehovisi ngaphansi kwingxenywe yesigaba (2).

Imisebenzi yombhali:

62. Umbhali kufanele-

(a) Abheke futhi anqume ngezicelo zokubhaliswa kwezinhlangano, amalunga kanye nabangewona amalunga ngokomthetho kanye nokubhaliswa kwezabelo kulabo abafanele.

(b) Asungule futhi agcine kusimo esikahle uhlu lwamagama ezinhlangano ezibhalisile, amalunga azo, kanye nabangewona amalunga ngendlela enqunyiwe

© Abambelele kumafomu anqunyiwe ohlu, lwamagama kanye nezitifiketi kufanele zibekwe, zigcinwe noma zikhishwe ngaphantsi kwalomthetho

(d) Ukuqaphela ukuthobela kwezinhlangano ezibhalisile kanye namalunga azo ngezinhlizeko zomthetho-sisekelo osezingeni eliphakathi, noma endaweni yongelona ilunga, nenhlanganisela yemithetho yokuziphatha enqunyiwe.

(e) Anikeze u MEC uma enxusa ulwazi maqondana nemisebenzi yombhali.

(f) Anikeze izeluleko kanye noncedo kwabafake izicelo zokubhalisa.

(g) Kuwo-wonke unyaka wekhalenda anikeze u MEC umbiko wonyaka ngenqubekela phambili esiyeziwe ekuqhubeni imisebenzi yombhali.

(h) Ngesicelo esibhaliwe futhi ngokukhokhwa kwemali enqunyiwe, anikeze noma ngubani ulwazi lokuma kwezibalo zendaba eziphuma kuhlu lokubhalisa, ngaphandle kokuthi lolulwazi lingaba negalelo, ekuzweleni komnotho futhi lingathinaza ibhizinisi noma intshiseko yohwebo noma ukukhona ukunceda kwanoma muphi umuntu, inhlangano noma ubunye noma ingeza ngokuqondile noma ngokunga qondile ekukhonjweni kwalowomuntu, inhlangano noma ubunye.

- (i) Abheke futhi anqume ekuhoxiseni noma ekusuleni kokubhaliswa kwenhlangano noma yilunga liphi noma ongelona-ilunga noma muphi

AMANDLA OMBHALI

63.(1) Ekusebenzeni noma ngaluphi udaba oluboniswe kusigaba 62(a) noma

(i), umbhali anga -

(a) Vumela umuntu othintekile noma onentshiseko kudaba, noma ummeli ogunyazwe ngokuphelele walomuntu, ukuba avele ngaphambi kombhali futhi-

(i) anikeze ubufakazi noma enze izikhalo ngombhali phantsi eziqondene nodaba.

(ii) abize ofakazi futhi aqhube ubufakazi noma ngawuphi umbuzo ophathelene nodaba oluqondene nenqubo ngaphambi kombhali.

(iii) abuze umuntu imibuzo othula ubufakazi njengo fakazi kulezozinqubo.

(b) Akhiphe isamanisi kufomu elinqunyiwe elidinga umuntu ukuba avele ngaphambi kombhali ukuyothula ubufakazi noma akhiphe noma yiphi incwadi yohlelo, iphepha noma okunye okubhaliwe, noma yiphi impahla, inhlamvu noma igugu eliphathwe noma elingaphantsi kokwenza komuntu, futhi alilethe ngendlela enqunyiwe.

© Layeza umuntu muphi okhona kundawo lapho izinqubo ziqhubeka khona, ukuba avele ngaphambi kombhali ukuzothula ubufakazi noma azoletha nomayiphi incwadi, uhlelo, incwadi noma okunye okubhaliwe, noma yiphi impahla, inhlamvu noma igugu, elikuye mathupha umuntu kuleyondawo,

(d) abuze noma muphi umuntu ovele njengofakazi.

(e) udinga ukuthi ubufakazi obuthulwe ngomlomo bunikezwe ngaphansi kwesifungo noma ukuvuma, futhi ngaleyonhloso, apathe isifungo noma abhale phansi okuvunyiwe kunoma wumuphi ufakazi.

(f) anqabe ukulalela noma ubuphi ubufakazi obungabhaliwe noma izikhalo kunoma muphi umuntu ngaphandle kokuthi umuntu ufungisiwe noma uvumile njengofakazi

(2) uMbhali angaphatha isifungo noma ukuvuma kumuntu ovela ngaphambi koMbhali njengofakazi umbhali kufanele anikeze abantu abanentshiseko ngokunxuswa ngezizathu ezibhaliwe ngesinqumo asithathile.

Imihlangano kanye nezinqumo zoMbhali kanye nabasizi

64. (1) Imihlangano yoMbhali kanye nabasizi kufanele ibanjwe ngokwezinqubo ezinqunyiwe kanye nezindawo nezikhathi ezinqunyiwe.

(2) Izinqumo lulemhlango zizakuthuthwa ngokuvumelana, umbhali asho izwi uma ukuvumelana kungekho.

(3) Akukho sunqumo esithathwe kulomhlango esingathathwe njengesingkho emthethweni ngesizathu sokudla uma isinqumo sithathwa isikhala sasikhona phakathi kubasizi noma umuntu wayengumsizi wavinjelwa ngaphantsi kwesigaba 60(5).

65(1) Inhlango, ilunga noma ongelona ilunga leofisi ukubhaliswa kufanela afake isicelo nombhali ngedlela futhi lufomu elinqunyiwe, isicelo sokubhaliswa esiphelikezelwa yimali yesicelo enqunye, uma ikhona kanye neminingwane edingwa yilomthetho kanye nombhali.

(2) Uma ngemuva kokubheka isicelo futhi waqinisekisa iminingwane ethunyelwe umbhali ugculisekile ukuthi ofake isicelo uhambisene nezidingo ezifanele, umbhali kufanele abhalise ofake isicelo.

Ukukhishwa kwezitifketi kanye nezimpawu ezibonakalisayo uma ubhalisa

67. (1) Uma inhlango ibhaliswa, ilunga noma ongelona ilunga othatha ukuthutha okuxhuma izifunda, uMbhali kufanele athumele isifaniso sesitifketi sokubhalisa kanye nayo yonke iminingwane ebhalisiwe kumbhali noma umnyango oqondene nezindaba zokuthutha kusifunda ngasinye ukuya noma ukubuya lapha kumalunga enhlango, noma ongelona-ilunga, asebenza.

(2) Lapho uMbhali azisiwe ngumbhali wakwesinye isifunda ukuthi inhlango, ilunga noma ongelona ilunga libhalisile kuleso sifunda esinye, uMbhali kufanele abhale lelophuzu emabhukwini akhe, kanye neminingwane yalokho njengokunikezwa ngumbhali omunye.

Ukugodla amalungelo ezinhlango ezibhalisiwe kanye nabahlizeki

68. (1) Uncedo nguHulumeni Wesifunda saseGauteng kuzinhlango kanye nabahlizeki lunganikezwa kuphela kulabo ababhaliswe ngaphansi kwaloMthetho.

(2) Akukho mhlizeki noma omele inhlango ozakuba nommeli kunkundla yamatekisi noma inhlango yabameli efanayo esungulwe ngaloMthetho, ngaphandle kokubhaliswa ngokuya ngawo.

ISIGABA 9: UKUBHALISWA KWEZINHLANGANO ZAMATEKISI ANGAMAKHUMBI KANYE NABAHLINZEKI

Ukubhaliswa kwezinhlango ngokuphoqelelwe, amalunga kanye nabangewona amalunga maqondana nezinhlizeko zohlobo lwamatekisi olungamakhumbi.

69. Ngemuva kosuku oluzonqunywa nguMEC ngesaziso kuGazethi, akukho inhlizeki oyothatha izinhlizeko zohlobo-lwamatekisi olungamakhumbi futhi akukho nhlango eyoqhuba ibhizinisi ngokunjalo, ngaphandle kokubhaliswa ngaphansi kwaloMthetho.

Izinhlango kanye nabahlizeki ababhaliswe ngaphansi koMthetho 11 ka 1997

70. (1) Inhlango ebhalise ngokugcwele ngokwesigaba 7 soMthetho wesiKhashana sezinhlizeko zohlobo lwamatekisi Angamakhumbi eGauteng, ezithathwa njengebhalise ngaphansi kwaloMthetho.

(2) Umuntu obhalise ngokugcwele njengelunga lenhlangano ebhalisiwe noma ongelona ilunga, ngokwesigaba 7 soMthetho wesikhashana wokuhlinzeka ngohlobo lwamatekisi Angamakhumbi eGauteng, izothathwa njengobhalisile kanjalo ngaphansi kwaloMthetho.

Ukhetho kanye nezinhlobo-vo

71. (1) uMEC angalayeza inhlangotho ngezaziso ezibhalisiwe ukuba babambe ukhetho lekomidi epehuzulu lenhlangano noma izinhlobo-vo ngezinto ezibanga ukushayisana noma ukungabukani (tensions) phakathi nenhlangano noma phakathi kwenhlangano kanye nenye inhlangotho noma izinhlangano, ngesikhathi esibekiwe kusaziso, futhi alayeze kusaziso ukuthi ukhetho noma inhlangotho iqashelwe ngabazimele abango :-

- (a) umuntu noma abantu abaqokwe futhi bakhokhelwe nguMEC, noma
- (b) umuntu noma abantu abaqokwe futhi bakhokhelwe yinhlangano ngezimali zayo.

(2) uMbhali angahoxisa noma asule ukubhaliswa kwenhlangano ehlulekayo ukuhambisana nemilayezo ekhishwe ngaphansi kwengxenywe yesigaba (1).

Ukubhaliswa kwezinhlangano

72. uMbhali kufanele anikeze ukubhaliswa kwenhlangano ithi ngokubhalisa igculise uMbhali

- (a) ukuthi ibilokhu ikhona isikhathi esingekho ngaphansi kwesigaba esincane esibekiwe,
- (b) ukuthi inani lamalunga lihlangabezana nelincane elibekiwe.
- (c) Ukuthi umthetho sisekelo kanye nenhlanganisela yemithetho yokuziphatha ethunyelwe yinhlangano isayindiwe futhi yamukelwa yilunga ngalinye kumalunga onke.
- (d) Ukuthi lomthetho -sisekelo oshiwo kanye nenhlanganisela yemithetho yokuziphatha iyahambisana futhi iyavumelana nezidingo ezinqunyiwe.
- (e) Ukuthi inhlangotho iyasekelwa ngomasipala abaqondene kanye nezikhulu zokuthutha.
- (f) Ukuthi ilunga ngalinye lenhlangano linayo imvume esemthethweni noma ilayisensi lokusebenza laleyo nqola ngayinye eliyisebenzisayo kanye nokuthi imihlinzeka yalo iphakathi nomthetho loyo.
- (g) Ukuthi ilunga ngalinye lenhlangano lisithumele isiqiniseko esigculisa uMbhali, noma, ngokuya ngalowo Mthetho, akufanele abhalise kanjalo, futhi
- (h) Ukuthi yonke imininingwane, edingwa nguMbhali ngokuya ngaloMthetho noma ngokunye inikeziwe futhi lemininingwane iqinisekisiwe ngendlela enqunyiwe.

Ukubhaliswa kwamalunga noma izinhlangano ezibhalisile

73. Lapho inhlangotho isibhalisile, uMbhali kufanele abhalise lonke ilunga laphoke ngokuya kwalo umniningwane odingekayo usunikezwe kufomu lesicelo eliqondene futhi ophethe imvume efanele futhi esemthethweni noma ilayisensi lokusebenza, njengelunga laleyonhlangano.

Amalunga amasha ezihlangano ezibhalisiwe

74. (1) Lapho inhlangano ebhalisiwe yamukele ilunga elisha kubulunga eliphethe imvume efanele noma ilayisensi lokusebenza laloyomzila noma imizila okukhulunywa ngayo, kufanele, phakathi kwezinsuku ezingu 14 kwalokho kwamukelwa, yazise uMbhali ngokubhaliwe, futhi linikeze uMbhali imininingwane enqunyiwe, maqondana nalelunga elisha kulapho uMbhali kufanele abhalise lowomuntu njengelunga lenhlangano.

(2) Lapho inhlangano yamukele okwesikhashana umhlinzeki kubulunga ongenayo imvume efanele noma ilayisensi lokusebenza lomzila noma imizila okukhulunywa ngayo, kufanele phakathi kwezinsuku ezingu 14 kwalokho kwamukelwa lazise iBhodi ngokubhaliwe ngalokho kwamukela futhi lithumelele iBhodi imininingwane enqunyiwe.

(3) Umhlinzeki obonisiwe kungxenye yesigaba (2) kufanele ifake isicelo selayisensi lokusebenza elifanele phakathi kwezinsuku ezingu 14 amukeliwe kulobobulunga besikhashana, futhi lithumelele isiqiniseko salesosicelo kuMbhali.

(4) Iphuzu lokuthi umhlinzeki owamukelwe okwesikhashana nje ngokuboniswa kungxenye yesigaba (2), noma lowo mhlinzeki uselicelele ilayisensi lokusebenza njengoba kushiwo kungxenye yesigaba (3), akugunyazi umhlinzeki ukuthi asebenze izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi.

(5) Umakwenzeka iBhodi likhipha ilayisensi lokusebenza elifanele kulelunga elamukelwe okwesikhashana, iBhodi kufanele lazise uMbhali phakathi kwezinsuku ezingu 14 futhi lithumelele kuMbhali isifaniso selayisensi lokusebenza kanye nemininingwane ehambelana nelunga inikezelwe kuBhodi yinhlangano eqondene.

(6) Ekutholeni lesifaniso kanye nemininingwane, umbhali kufanele abhalise umuntu njengelunga lenhlangano

(7) Uma kwenzeka lomhlinzeki owamukelwe okwesikhashana ahluleka ukufaka isicelo selayisensi lokusebenza elifanele phakathi kwesikhathi esidingwa yingxenye yesigaba (3), noma uma kwenzeka iBhodi lazise umhlinzeki ukuthi lesisicelo asiphumelelanga, inhlangano ifanele iphelise ukwamukelwa kwalowo mhlinzeki phakathi kwezinsuku eziyisikhombisa ngemuva kokuphela kwesikhathi esishiwo kungxenyeyesigaba (3), noma ngemuva kwalokho kwaziswa, nomakunjalo.

Ukubhaliswa kwabangewona -amalunga

75. (1) Ongelona ilunga unelungelo lokubhalisa futhi, asesifakile isicelo salokho, kufanele libhaliswe, lapho engelona ilunga –

(a) lavuma kunhlanganisela yemithetho yokuziphatha enqunyiwe.

(b) Uphethe ilayisensi lokusebenza elifanele noma imvume lenqola ngayinye ongelona ilunga asebenza ngayo izinhlizeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi,

(c) Usebenza ukuhlinzeka ukuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi lokho imvume leyo noma ilayisensi lokusebenza lihambelana nakho, ngokuvumelana nokuqokethwe yi, kanye nemibandela ebekwe kumvume noma ilayisensi lokusebenza

(d) Uthumele isiqiniseko esigculisa umbhali ukuthi angelona ilunga ubalisile njengomkhokhi wentela ngaphansi koMthetho wokuqoqwa kwentela, noma ngokuqokethwe nguMthetho, akadingekile ukuba abhalise, futhi.

(e) Usifakile isicelo sokubhaliswa njengo-ngelona ilunga ngokwalezizimbangela:

- (i) Ayikho inhlango ebhalisiwe ngokuya ngalomzila noma imizila noma, uma kwenzeka, kundawo lapho kusebenza izihlinzeko zokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi sofika isicelo
- (ii) Lapho kunehlango ebhalisile kanjalo, uma-
 - (aa) Afake isicelo wanqatshelwa ubulunga benhlango.
 - (bb) Izidingo zenhlango zokwamukelwa kubulunga ezilungale.
 - (cc) Ngokubuka kulezimo eziqhubekayo, ofake isicelo ngokufaneleyo akalindelekanga ukuba abeyilunga lenhlango.
 - (dd) Kunokusela okufanele ukuthi ofake isicelo, uma emukelwa kubulunga benhlango, ngoba ngaphantsi kobandlululo olungafanale
- (2) Lapho ongelona-ilunga efisa ukufaka isicelo selayisensi lokusebenza, ongelona- ilunga kufanele kuqala afake isicelo ku mbhali ngendlela enqunyiwe kanye nefomu lokubhalisa njenga ngongelunga.
- (3) Umbhali kufanele athole noma afake isicelo ecela ngaphantsi kwengxenye yesigaba (1) futhi uma kunjalo akhiphele kafake isicelo isitifiketi sokuthi ulethule kubhodi.
- (4) Uma kwenzeka ibhodi linika futhi likhipha ilayisensi lokusebenza elifanele kulowo ongelona – ilunga, ibhodi lihambise kumbhali isifaniso selayisensi lokusebenza.
- (5) Ekutholeni leminingwane, uMbhali kufanele abhalise ongelona ilunga.

Ukuqondiswa kwezigwegwe

- 76.(1) Umbhali angamisa noma ahoxise ukubhaliswa kwenhlango noma umhlinzeki ngokuhluleka ukuhambisana nalomthetho noma nemigomo ebekiwe kumthethosisekelo osezingeni eliphakathi noma inhlanganisela yemithetho yokuziphatha kwabangewona amalunga, noma kunganjalo, noma okunye ukuziphatha okunqunywe njengokuziphathi okungeyikho
- (2) Ekutholeni isikhalo ukubekwa icala noma ukusola noma ngolwazi oluze ngaphambi kwakhe, umbhali angaqhuba uphenyo ngendlela enqunyiwe..
 - (3) Ngaphambi kokuqhuba uphenyo, umbhali kufanele athumele isixwayiso sibhaliwe kunhlango noma umhlinzeka odinga yena noma lona ukulungisa ulwahluleka phakathi kwesikhathi esishiwo kusixwayiso, esingeke saba ngaphantsi kwezinsuku ezingu 21.
 - (4) Uma uphenyo luveza ukuthi bekunalokho kuhluleka noma ukuzuphatha, umbhali anga-
 - (a) Beka inhlawulo engedlule imali enqunyiwe
 - (b) thumela isiyalelo sokubhaliwe sasayindwa nguy~~onisa~~ okwesikhashana isitifiketi esibhaliswa, noma
 - (c) thumela isiyalelo esibhaliwe sasayindwa nguye sihoxisa isitifiketi sokubhaliswa.

(5) Masishane ngemuva kokukhipha isiyalelo sokuthi isama lenhlangano noma ongelona ilunga lisulwe ohlwini

Iwamagama, u mbhali kufanele athumele isifaniso esiqinisekisiwe salokho kubhodi kanye nakusikhulu esiphakeme kumnyango kahulumeni noma isikhungo esikhupha izinzu noma uncedo kumhlangano noma kumalunga ayo noma kunhlizeki.

ISIGABA 10: UKUBHALISWA KWESINHLANGANO EZINQUMA IBANGA KANYE NABAHLINZEKI

Ukubhaliswa kwezinhlangano ezinquma ibanga, amalunga kanye nabangewona amalunga.

77 Izigaba 69,73,74 kanye no 76 ziyasebenza nezinguquko ezifanele, ekubhaliseni izinhlangano zamatekisi anquma ibanga, amalunga kanye nabangewona amalunga, ukufunda kulezozigaba "izinhlizeko zamatekisi anqumayo" esikhundleni salomusho "izinhlizeko zohlobo-lwamatekisi angamakhumbi"

Ukubhaliswa kwezinhlangano zamatekisi anquma ibanga.

78. Umbhali kufanele anikezi ukubhaliswa kwenzingano yamatekiso anqumayo lokho ngokufaka isicelo kugculise umbhali-

- (a) Ukuthi ibikhona isikhathi esingekho ngaphantsi kwesikhathi esincane esibekiwe.
- (b) umthetho sisekelo kanye nenhlanganisela yemithetho-
- (c) othunyelwe yinhlangano isayidinga futhi yamkelwa yilunga ngalinye kumalunga onke
- (d) inhlangano isayinda futhi yamkelwa yilunga ngalinye kumalunga onke.
- (e) Ukuthi ilunga ngalinye lenhlangano linelayisensi noma imvume yenqola ngalinye eliyisebenzisayo kanye nokuthi imisebenzi yakhe imaphakathi negunya layo .
- (f) ukuthi ilunga ngalinye lenhlangano linelayisensi esemthethweni yomsakazo ophindaphindiwe.
- (g) Ukuthi ilunga ngalinye lenhlangano.
- (h) Ukuthi ilunga ngalinye lenhlangano lathumela isiqiniseko esigculisa umbhali lokuthi ilunga libhalisele njengomkhokhi wentela ngaphantsi komthetho wokuqoqa intela noma ngokuya ngalwomthetho alindingeki ukuthi libhalise kanjalo futhi. Ukuthi yonke iminingwano edingwa ngumbhali ngokuya ngalomthetho noma ngokunjani isinikeziwe futhi iqinisekisiwe ngendlela enqunyiwe.

Ukubhaliswa kwabangewona amalunga abasebenza izinhlinzeki zamatekisi anquma ibanga.

79.(1) ongelona ilunga esebenza noma ofisa ukusebenza izihlinzeko ngetekisi elinquma ibanga unelungelo lokubhaliswa futhi ngokufaka isicelo salokho, kufanele abhalisiwe lapho ongelona - ilunga.

- (a) Livumile kunhlanganisela yomthetho wokuziphatha onqunyiwe,
 - (b) Unayo imvume efanele noma ilayisensi lokusebenza lenqola ngayinye ongelona-ilunga ayisebenzisayo ukusebenza ukubhlinzeka kwetekisi elinquma ibanga.
- ©Uqhuba ukubhlinzeka ngetekisi elinquma ibanga okuhambelana naleyomvume noma ilayisensi lokusebenza ngokuvumelana

- nezimiso kanye nemibandela ebekiwe kwilayisensi lokusebenza,
- (d) Linayo ilayisensi esemthethweni yomsakazo ophindaphindayo
- (e) Usidlulisile isiqiniseko esigculisa umbhali ukuthi ongelona ilunga ubhalisile njengomkhokhi wentela ngaphantsi komthetho wokuqoqa intela, noma ngokwezimiso zalowe mthetho ukudingekile ukubhalisa kanjalo.
- (f) Usinikezile yonke imininingwane edingwa ngumbhali ngokwezimiso zalomthetho noma ngokunjani futhi lemininingwane iqinisekisiwe ngendlela enqunyiwe.

(2) Lapho ongelona ilunga efisa ukufaka isicelo semvume noma ilayisensi lokusebenza ongelona ilunga kufanele kuqala afake isicelo kumbhali ngendlela enqunyiwe kanye nefomu lokubhalisa njengongelona – ilunga.

(3) Umbhali kufanele athole noma afake isicelo ngaphantsi kwengxenywe yesigaba (2) uyavumelana nezidingo zengxenywe yesigaba (1), futhi uma kunjalo anikeze ofake isicelo isitifiketi salokho ukuba asidlulisele kubhodi.

(4) Umakwenzeka ibhodi livume futhi likhiphe imvume efanele noma ilayisensi kulosebenza ongelona-ilunga, ibhodi kufanele lazise umbhali phakathi kwezinsuku ezingu 14 futhi anikezele kumbhali, isifaniso semvume noma ilayisensi lokusebenza.

(5) Ekutholeni lemininingwane, umbhali kufanele abhalise ongelona- ilunga.

Izidingo ezingavamile zabashayeli bezingqola ezisebenza wokuhlinzeka kwamatekisi anquma ibanga.

80.(1) Ukusukele kusuku olunqunywe ngu MEC ngesaziso kuGazethi, akekho ongashayela inqola ehlinzeka

umsebenzi wetekisi elinquma ibanga, ngaphandle kokuthi umshayeli uphumelele ekuhlolweni okunqunyiwe ngendlela enqunyiwe, futhi usenikeziwe ngu MEC noma ngumasipala ngesitifiketi esalokho, ngendlela enqunyiwe kanye ne fomu.

(2) Izidingo zengxenywe yesigaba (1) izakuba wokugcwalisela ku, futhi ukungathathi isikhala sezidingo zomthetho wemigwaqo kazwelonke.

ISIGABA 11: UKUBHALISWA KWEZINHLANGANO KANYE NABAHLINZEKI BOHLOBO- LWAMABHASI KANYE NENHLOBO LENKALISHI.

Ukubhaliswa kwezinhlangano, amalunga kanye nabangewona amalunga asebenza ukuhlinzeka ngohlobo lwamabhasi kanye nohlobo lwamankalishi.

81. Izigaba 69,73,74 kanye no 76 zizosebenza ekubhaliseni izinhlangano ezisebenza izinhlizeko zohlobo lwamabhasi kanye nohlobo-lwamankalishi, amalunga azo, kanye nabangewona amalunga abaqhuba lemisebenzi, ukufunda kulezozigaba “Izinhlizeko zohlobo lwamabhasi” noma “izinhlizeko zohlobo lwamankalishi” nomakunjalo, akusho “izihlizeko zohlobo lwamatekisi angamakhumbi”

ukubhaliswa kwezinhlangano zabahlinzeki bomsebenzi yohlobo- lwamabhasi kanye nohlobo lwamankalishi.

82. Umbhali kufanele avume ukubhaliswa kwenhlangano yabahlinzeki bemisebenzi yohlobo lwamabhasi kanye nohlobo lwamankalishi okuthi ekufakeni isicelo sigculise umbhali-

- (a) Ukuthi kubekhona isikhathi esingekho ngaphantsi kwesikhathi esincane esinqunyiwe.
- (b) Ukuthi inani lamalunga lihlangabezana nelincane elinqunyiwe.
- © Ukuthi umthetho sisekelo kanye nenhlanganisela yemithetho wokuziphatha othunyelwe yinhlangano usayindiwe futhi wamukelwa yilunga ngalinye kumalunga aso.
- (d) Ukuthi lomthetho sisekelo kanye nenhlanganisela yemithetho wokuziphatha iyahambisana futhi iyavumelana nezidingo ezinqunyiwe.
- (e) Ukuthi inhlangano ethola ukuxhaswa ngomasipala abqondene.
- (f) Ukuthi ilunga ngalinye liphethe ilayisensi lokusebenza elisemthethweni noma imvume yenqola ngayine eliyisebenzisayo nokuthi imisebenzi yakhe ingaphakathi komthetho lapho.
- (g) Ukuthi ilunga ngalinye lenhlangano linikeze isiqiniseko esigculisa umbhali ukuthi ilunga libhalisile njengomkhokhi wentela ngaphantsi komthetho wokuqoqa intela, noma ngezimiso zalowo mthetho, alidingekile ukubhalisa kanjalo, futhi.
- (h) Yonke imininingwane edingwe ngumbhali ngokwezimiso zalomthetho noma ngokunjalo sezinikeziwe futhi lomningwane uqinisekisiwe ngendlela enqunyiwe.

Ukubhaliswa kwabangewona amalunga asebenza izihlizeko zohlobo lwamabhasi kanye nezinhlobo- zama nkalishi.

83.(1) Ongelona-ilunga osebenza noma ofisa ukusebenza izinhlizeko zohlobo lwamabhasi noma zohlobo lwamankalishi unelungelo lokubhaliswa futhi, ekuthuleni isicelo kafanele abhaliswe, lapho ongelona ilunga-

- (a) Uvumile kunhlanganisela yemithetho wokuziphatha .
- (b) Uphethe imvume efanele noma ilayisensi lokusebenza lenqola ngayinye asebenza ngayo ongelona-ilunga izinhlizeko zohlobo lwamabhasi noma zohlelo lwenkalishi,.
- © Usebenza izinhlizeko ezihambelana nemvume noma ilayisensi lokusebenza ngokuvumelwano nezimiso, kanye nemibandela ebekiwe kumvume noma ilayisensi lokusebenza , futhi.
- (d) Usedlulisile isiqiniseko esigculisa umbhali ukuthi ongelona ilunga ubhalisile njengomkhokhi wentela ngaphantsi komthetho wokuqoqa intela, noma ngokwezimiso zalowomthetho, akadingekile ukubhalisa kanjalo.
- (2) Lapho ongelona ilunga efisa ukucela ilayisensi lokusebenza, ongelona-ilunga kufanele acele kuqala kumbhali ngendlela enqunyiwe kanye nefomu lokubhaliswa njengongelona ilunga.
- (3) Umbhali kufanele athole noma umceli ucela ngaphantsi kwengxenywe

yesigaba (2) uyavumelana nezidingo zengxenywe yesigaba (1), futhi uma kunjalo anike umceli isitifiketi salokho ukuze asidlulisele kubhodi.

(4) Umakwenzeka ibhodi livuma futhi likhipha ilayisensi lokusebenza elifanele kuloyo ongelona- ilunga, ibhodi kufanele lazise umbhali phakathi kwezinsuku ezingu 14 futhi linikeze umbhali isifaniso selayisensi lokusebenza.

(5) Ekutholeni leminingwane, umbhali kufanele abhalise ongelona ilunga.

ISIGABA 12: IZINKUNDLA ZOKUTHUTHA.

Izihlinzeko ezijwayelekile

84 .(1) U MEC angavumela imibuthano yabasebenzisi noma abahlinzeki bemisebenzi yokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi, noma abashayeli bezinqola ezisetshenziswa lemisebenzi, njenge mikhandlu yamatekisi amadolobha amakhulu, ngezinhloso zalengxenywe njengabamele abasebenzisi, abahlinzeki noma abashayeli

(2) Ekungezeni kuzinkundla kanye nakumakomidi azosungulwa yilengxenywe, uMEC anganquma ukusungulwa kweminye imibuthano efanayo nale, noma ukumela inkambiso, eqondene yokuthutha ngomgwaqo, abagibeli bomphakathi, noma izinkambiso eziningi.

INKUNDLA YOKUTHUTHA ABAGIBELI BOMPHAKATHI YESIFUND

85.(1) UMEC kufanele asungule. Inkundla yokuthutha . Abagibeli bomphakathi wesifunda (PPPTF) futhi aqoke kumalunga ayo ngendlela enqunywiswe, abangeba ningiku-

- (a) abathathu kufanele bamele uMnyango
- (b) oyedwa kufanele amele isikhulu sedolobha elikhulu ngalinye kusifunda.
- (c) Ababili kufanele bamele imiphakathi esebenzisa uhlelo lokuthutha .
- (d) Ababili kufanele bamele uhwebo lwamatekisi angamakhumbi futhi oyedwa abe yilunga lenkundla yamatekisi kudolobha elikhulu noma umkandlu.
- (e) Ababili kufanele bamele uhwebo lwamatekisi anquma ibanga futhi babe ngamalunga enkundla yokuthutha yedolobha elikhulu.
- (f) Amabili kufanele bamele uhwebo lwamabhasi futhi ngamunye abe yilunga lenkundla yokuthutha edolobheni elikhulu noma inkundla yokuthutha edolobheni elikhulu noma inkundla yamabhasi.
- (g) Oyedwa kufanele amele okukodwa kulezinhlizeko ezilandelayo, uma uMEC ecabangela ukuthi ubuningi balezinhlizeko kusifunda ziyakudinga lakho.
- (h) Izinhlizeko ngezithuthuthu

- (ii) izinhlizeko zezemfundo
- (iii) izinhlizelko zabavakashile
- (iv) izinhlizeko zokuqashwa
- (v) izinhlizeko zezisebenzi
- (vi) izinhlizeko zekuhlonishwa
- (vii) izinhlizeko ezihlelilwe zenkalishi
- (viii) izinhlizeko ngamashatile

- (i) oyedwa kufanele abe yilunga leBhodi
- (j) ababili kufanele babe ngochwepheshe abaziwayo kuhwebo lokuthutha ngomgwaqo abagibeli bomphakathi noma kube ngabantu abanesipilyoni esiningi se noma babonise ikhono kuzindaba eziphathelene nokuthutha noma izindaba zendawo kanye nezimali,
- (k) ababili kufanele bamele izinyunyane zabashayeli

(2) Uma ummeli eqokiwe engekho. UMEC angagcwalisa isikhala salommeli kodwa lokugculisa isikhathi angeke kube yisimakade (permanent).

(3) Ngaphambi kokuqokwa kwamalunga ePPPTF, u MEC kufanele ameme iziphakamiso kwimigwamanqa eqondene noma izinhlangano ngokuthumela noma asakaza isaziso ngendle uMEC angayinqume

(4) Lapho iziphakamiso zingatholwa phakathi kwezi khathi ezinqunyiwe kusaziso, uMEC anga, ngokwesigaba, qoka abantu njengamalunga e PPPTF ukuthi uMEC ebona kufanele.

(5) iPPPTF kufanele usihlalo kube yisikhulu soMnyango, Amalunga kufanele akhethe oyedwa kubo njengosekela mgcinisihlalo, okufanele enze imisebenzi kasihlalo uma usihlalo angekho.

(6) IPPPTF kufanele inqume izindlela zenqubo kanye nokuphindwa kwemihlangano, uma ukuthi angeke ihlangane ngaphansi lokukodwa ngekwata.

(7) Ilunga le PPPTF kufanele lishiye ihovisi lalo uma lisuswa ehovisi ngaphansi kwengxenye yesigaba (7) noma lishiye ngesaziso esibhaliwe saqondiswa kuMEC.

(8) UMEC angasusa ehovisi ilunga le PPPTF eli –

- (a) tholakele linecala lokungaziphathi kahle noma ngokuphindiwe linganaki imisebenzi yalo njengelunga lePPPTF.
- (b) Alikwazi ukwenza ngokunekhono imisebenzi yalo njengelunga lePPPTF,
- (c) Lehlulekile ukubungaza imihlangano emitha ilandelana ne PPPTF ngaphandle kwezizathu esamukelekayo ku MEC,
- (d) Akanamandla ezingeni lokuthi akasakwazi ukwenza imisebenzi noma
- (e) Akasamele inhlangotho noma uhwebo aqokelwa ukuba ayimele.

Imisebenzi yeNkundla yoKuthutha Abagibeli Bomphakathi Besifunda

